# INhloso EkasiThupha

# YokuHambela KukaGabriyeli kuDaniyeli

Kodwa ngimangale kakhulu nga... amatshitshi ethu amancane kulokhu ukusa, amancane, niyazi, abancane u "fefe" no "fifi," abancane, i, niyazi, abaneshumi nesithupha. Futhi bangena enkonzweni, niyazi, cishe... Amantombazane amancane, athi awabe-madala kangako, afuna ukubukeka kahle, niyazi. Wona, niyazi, izinwele zisongwe phezulu zonke, phezulu ekhanda lawo; ngiwaqaphelile, lapho ngishumayela, zilokhu ziyephuzela zibheka phansi, ziyephuzela zibheke phansi. Futhi, emva kwesikhashana, abeziphushela ezisusa ebusweni bawo, ukusongeka konke sekuqondile.

2 Intombazane encane kaDadewethu Downing, futhi—futhi ngiyiqaphelile. Nencane—encane—encane... encane kaMfowethu Collins... Ubani igama layo na? Encane... [Umzalwane uthi, "Betty."—Umhl.] UBetty, uBetty omncane. Ngike nje ngathi ukuhleka kancanyana, ngaphakathi. Kodwa ngibone konke ukubukeka, uyazi, konke kulungisiwe, futhi ngqo beku...

3 Awu, azibusiswe izinhliziyo zenu, s'thandwa, niyabukeka, kimi, empeleni. Kunjalo. *Ukubukeka*, kungukuthi, kungumoya obukekayo ozoza futhi uhlale emihlanganweni enjalo, futhi ulalele iVangeli. Yilokho okwenza intombazane ibukeke. Futhi ngicabanga ukuthi noma yimuphi umfana wangempela, ofanele ukuganwa, ucabanga into efanayo. [UMfowethu Neville uthi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga, mnumzane. Kuhle lokho. Ukhona ovumelane nami. Lokho, kunjalo. Kulungile. Ngikholwa ukuthi lelo yiQiniso.

4 Manje akuxakile lokho na? Ngiphenye kuDaniyeli 9 ngqo ngenkathi ngivula iBhayibheli lami. Manje, ngokwejwayelekile ngitshela wonke umuntu, ukuba bangawakhumuli amabhantshi abo, onembobo eyembeni labo, ngakho ngiyethemba elami alinayo. Kodwa—kodwa ngike ngabona ngesikhathi lapho engangingeke ngilikhumule, kunembobo eyembeni, impela impela. Futhi ngiqagele leli alinayo.

5 Manje, o, ngesingami, si... futhi ngiyakholwa ngezethameli, siyabuthakasela ubuKhona bukaMoya oNgcwele kulokhu ukusa.

Futhi siyayijabulela inhlanganyelo nobukhona balowo nalowo. "Kumnandi kanjani, kuhle kanjani, kuthokozisa kanjani, kubazalwane ukuhlala ndawonye ebunyeni.

Kunjengamafutha okugcoba amahle ehlela esilevini sika-Aroni, ehle njalo aze ayofika emiphethweni yomphetho wakhe."

6 Ngiwelele ngale ngiyokudla namhlanje, ngale eBlue Boar, futhi ngingene kubani ngaleya uma kungesuye uMfowethu Bill lapha, noDadewethu Dauch ehlezi lapho, nje—nje edla nya enye ebukeka kahle kunazo zonke, inkukhu ethosiwe kwesengake ngayibona, futhi nje enesikhathi esihle kakhulu, imjulukisa, niyazi. Ngenyuka ngezitebhisi futhi ngahlangana nengxenye enkulu yebandla phezulu lapho, futhi bebefuna ngisho ukungikhokhela idina lami. Manje, lokho bekukuhle ngempela, ngiyakuthakasela lokho.

7 Ngenkathi sengifike ekhaya, nakhu sekufika uBilly nekesi likatamatisi engilithengelwe ngothize, kude le kusukela kwesihle, isifunda esipholile saseGeorgia ezansi lapho, lapho okuphole khona kakhulu ezansi lapho, bangitshela lokho, ngalesisikhathi.

8 Ngase-ke, ngihlangana nomfo omncane ngaphandle. Bengiphuma ezingxoxiswaneni zami, kulentambama, futhi ngehla ngasesontweni cishe ehoreni nengxenye eledlule, nomncane . . . umfo ongathi usemusha, ngaphandle, wathi . . . ngathi, "Kuyashisa."

Wathi, "*Sho* kunjalo!" Ngazile ukuthi wayengowaseGeorgia, ngakho wathi, "Ngempela kuyashisa ezansi eGeorgia!"

9 Awu, sizama ukuphunyuka endaweni eshisa kakhulu, asinjalo na? Yilokho esikukhonela lapha.

10 Ngiyabonga kakhulu, bangane, ngakho konke ukulunga kwenu. Bengingenzani ngaphandle kwenu na? Nje be—bengingenzani ngaphandle kwenu na? Ukuba bengingenamuntu obengithanda, akukho-muntu obeyolalela uMlayezo, wonke uMlayezo wami ubungeke usize ngalutho nhlobo. Angikwazi ukuWushumayela ezigxotsheni zikathelefoni nasezihlahleni. Zingewuqonde. Ngakho kufanele kube abantu njengani nonke, abazofika futhi bawulalele. Futhi lapho niza futhi nihlale endaweni eshisa njengale, futhi ku . . . Umkami uthe ucishe washa emuva lapho, kulokhu ukusa. Futhi ukubona abantu, futhi ngesinye isikhathi abantu abagulayo, ohlezi kuleyomihlangano enjalo, uNkulunkulu aniphe e—elihle, ikhaya elithandekayo eNkazimulweni, kungumkhuleko wami. Futhi nje ngiyethemba futhi ngikholwa ukuthi Uzokwenza lokho.

11 Manje, ake sibone. Ibhantshi lami, ukhona olithathe ngapha. Futhi ngifanele ngenze ukufunda okuncane kulobubusuku. Bangaki kojabulela izingxenye zokuqala zalokhu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, ukuba nje bekungashisi kangaka, besizolokhu siqhubeke njalo nje, njalo iviki lonke, ne—neNcwadi yeSambulo. NgiyaYithanda nje. Ngihlala kuYo nje. Futhi khulekelani, ukuthi nje, mina, kuleliviki, ngoba ngeSonto elizayo ngi . . . INkosi ithanda, ngifanele ngihlangabezane

nalokho, ngihlanganise lawomasonto ndawonye. Futhi lokho yinto ethize engingazi lutho ngayo. Futhi ngakho ngizokwethemba iNkosi nje ukuthi Izongitholela impendulo.

12 Futhi ngi—ngifunde amadoda amaningana ehlukene a—akhuluma ngakho, ebhale ngakho. Ngifunde amanothi abhalwe ezansi lapha, kuDkt. Scofield, isifundiswa esikhulu, kodwa ngempela angivumelananga naye, kwamaningi amanothi akhe abhalwe ezansi, ngoba angikuboni. Lapho . . . Kufanele—kufanele kwenze isithombe sibe ngesiyiso.

13 Manje, uma ubukuhlanganisa njengomdlalo oyindidane wokubuyisela endaweni yazo zonke izicucu zamapulangwe ezisahwe ngokugwegwesa, futhi into yokuqala uyazi, wena uthi, "O, lokhu kwenyukela *lapha*. Qhabo, ngineqiniso lokhu kwenyukela *lapha*." Awu, ufanele ubheke ngapha ephethinini yakho, ukubona ukuthi wenzani. Bese kuthi-ke uma u—uma ungabuki, uzothola isigcawu sakho sesixoveke sonke.

14 Manje ukuba-ke ubuthatha . . . ubunesithombe selikhulu, elasemaphandleni elihle, nenkomazi icosha utshani esicongweni sesihlahla na? Manje, lokho bekungeke kulunge (bekuzolunga na?), ngoba ayibucaphuni utshani esicongweni sesihlahla. Ngakho, kungaleyondlela uma, wena, uMoya oNgcwele ungawuhlanganisi lowomBhalo ndawonye. Khona-ke, unaso sonke, isithombe esikhulu sokuhlengwa. Yilokho esikufunayo, iQiniso. Futhi size sazi iQiniso, sizovele sikushiye kodwa. Bese kuthi-ke, lapho uNkulunkulu esinika iQiniso, awu, khona-ke ngizokhuluma ngakho.

15 Niyazi ukuthini? Ngiqagele uMfowethu Roy Slaughter na—nabanye babantu abadala lapha, abaqala emuva ngaleya kudala . . . Kwakuthi akube, ngiqagele, iminyaka yokuqala emithathu noma emine yenkonzo yami, khona lapha etabernakele, ngangingeke ngishumayele ngisho ngendaba yesihogo, ngoba nga—ngangingazi noma kwakuyindawo evuthayo, noma kwakuyithuna. Futhi kwakuthi njalo lapho iZwi likhuluma ngokuthi, *thuna*, ngangithola ihumusho, elalithi, "*Hayidesi*." I*Hayidesi* yi "thuna." Ngaso sonke isikhathi lapho Lalikhuluma ngesihogo, "i*Hayidesi*, ithuna." Futhi ngavele ngiliyeke kanjalo ngaze ngathola ngempela ukuthi ngangikhuluma ngani, ngase-ke ngishumayela ngesihogo, ngakho lapho sengithole ngempela, isithombe sonke, futhi ngabona ukuthi sasikuphi. Ngoba, ngizizwela ukuthi umfundisi unesibopho kuNkulunkulu, ngalokho akutshela leyo nhlangano yebandla, ngoba bazobambelela kulokho ngqo. Futhi ngakho, khona-ke, ukuba-ke ngibababambise indawo engesiyo, bese-ke kufika isikhathi lapho lokho-kubamba kungeke kusama na? Niyabo?

Futhi kulowombono iNkosi enginika wona, esikhathini esithile esedlule, ngenkathi lezozigidi . . . ngenkathi Lowo

ekhuluma kimi, wathi, "Uyokwehlulelwa, kuqala, ngeVangeli olishumayelayo."

16 Ngathi, "Ngishumayela into efanayo neyashunyayelwa nguPawulu, nabo bonke."

17 Futhi zonke lezozigidi zamaphimbo zamemeza kakhulu, "Siphumule kulokho." Kwakuyilokho-ke. Niyabo? Kunjalo.

18 Ngakho ngifuna ukuqhubeka kulobubusuku, manje, ukuze singathathi isikhathi eside kakhulu. Futhi ningakhohlwa manje. . . Manje, kulokhu ukusa. . . Nginamanothi amancane lapha. Kulokhu ukusa ngikhulume ngoDaniyeli esekuthunjweni, uGabriyeli eza kuye futhi wamyala ngesikhathi esizayo. Yilokho ebesinakho kulokhu ukusa, isiyalo sesikhathi esizayo.

19 Manje, kulobubusuku, sikhuluma ngokuthi *INhloso EkasiThupha YokuHambela KukaGabriyeli kuDaniyeli.* NgeSonto elizayo, iNkosi ithanda, sibeke amasonto angamashumi ayisikhombisa, lapho engawakhona, emsukeni wesikhathi. Futhi simiphi na? Manje, uma kuphela singathola lokho futhi siqiniseke ngakho, kuvumelane, khona-ke siyolazi nje ihora esiphila kulo. Manje, singeke sazi ukuthi UzoFika nini; akekho ozokwazi lokho. UJesu akakwazi, qobo lwaKhe. Wathi Wayengazi. Wathi nje nguBaba, kuphela, owayazi lokho. Azikwazi ngisho neziNgelosi. Akekho noyedwa wethu owaziyo ukuthi Uzofika nini, kodwa singalisho i—ihora ukuthi. . . isikhathi esiphila kuso, sazi nje ukuthi singasondela kanjani.

20 Manje, okokwelakanyisa okuncane, ngoba abafana bathatha amateyipu ale. . . Imishini iyasebenza ngemuva egumbini. Namateyipu, isizathu, athunyelwa ngaphandle, ndawo zonke.

21 Manje, lesisifundo salokhu ukusa, emva kokuba sibuye sabuyekeza isahluko se 4 nese 5, sase sisinamathelisa i. . . siqala ngesahluko se 9 sikaDaniyeli. Futhi manje, kulobubusuku, siyaqhubeka nesahluko se 9. Ngaphambi kokuba sisondele kuso, ake sikhothamise amakhanda ethu nje okomzuzwana futhi sikhulume noMqalisi weZwi.

22 Nkulunkulu wethu onomusa, siqinisekile ukuthi Wazi khona impela ukuzindla kwenhliziyo yethu. Uyazi ukuthi yingani silapha. Futhi Uyazi ukuthi asizange size kulobubusuku ngoba nje sicabange ukuthi bekuyoba yindawo enhle ukuza kuyo, ukuziphumuza kancane ntambama. Baba, angikholwa ukuthi ukhona umuntu oyedwa lapha ngaleyonhloso. Ngikholwa ukuthi silapha kulobubusuku ngoba siqotho ngempela, sithembekile, futhi sifuna ukwazi u-ISHO KANJE INKOSI.

23 SiyaKuthanda, Nkosi, futhi siyalithanda iZwi laKho. Futhi uma lendawo Osihlinzekele yona, uphahla nje phezu kwekhanda lethu, nalamabloksi kakhonkolo, sibonga Wena ngendawo. Ngokuba, sikholwa ukuthi kukhona iKhaya ngale kwesibhakabhaka, lapho esiqonde khona ngakuleyondlela. Futhi sicabanga ngokhokho bethu abangazange babenayo

ngisho nalenhlanhla, futhi kusenza sikhothamise izinhliziyo zethu ngamahloni, Nkosi, ngisho ukuba size sikhononde.

24 Manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosivulela, kulobubusuku, umBhalo. Woza, sihambisane, eceleni kwalowo nalowo wethu, njengoba sehla ngalomgwaqo kulobubusuku. Khuluma kithi njengoba Wenza kulabo ababeya e-Emawuse, bevela eJerusalema. Ukuthi, lapho inkonzo isiphelile, kulobubusuku, singakwazi ukuya emakhaya ethu ehlukene futhi sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho siMuzwa ekhuluma ngeZwi laKhe!"

25 Busisa ukufunda. Busisa imizamo yami ebuthakathaka, Nkosi. Vula umlomo wami kulokho okuyiqiniso, futhi uwuvale kulokho okungesikho. Futhi uthole inkazimulo kuWe, nenkazimulo kubantu baKho, ukuze bengabona ihora esiphila kulo nokuFika okusondelayo kweNkosi uJesu. Ngokuba, sikucela eGameni laKhe—laKhe, iGama likaJesu Kristu. Amen.

26 Manje, ukuphinda siphenye emuva imiBhalo yethu okwemizuzwana, sithola ukuthi uDaniyeli wayekade esekuthunjweni iminyaka emide engamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili. Kucabange nje! Manje, wena, nephepha lakho nepensela, ongazange ukuthole kulokhu ukusa, ungakucosha kulobubusuku. Kusukela ku A.D. 606 kuya ku 538. Susa u 538 ku 606, uneminyaka engamashumi ayisithupha nesishiyagalombili uDaniyeli ayekade ese . . . umthunjwa; kungekho-bandla angaya kulo, kungekho-zintshumayelo angazizwa, lutho. Kodwa wayenezinye izincwadi, eminye imibhalo egoqwayo, ukuthi umprofethi phambi kwakhe wayeprofethile, futhi wa—wayenguJeremiya.

27 Manje, sisesekufundisisweni kwemiBhalo, ubonile ukuthi isikhathi sasibaleka, ukuthi isikhathi seminyaka engamashumi ayisikhombisa . . . NoDaniyeli ngokuqinisa wawakholwa onke amazwi ayekhulunywe nguJeremiya umprofethi. Futhi ngisho kuleli, eklasini lami kulobubusuku: Sifanele sibakholwe abaprofethi bethu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Ngokuba, iZwi leNkosi leza kubaprofethi. Bano-ISHO KANJE INKOSI. Futhi umprofethi weqiniso akasoze aguquka e—ezwini lomunye umprofethi. Abasoze baLenza lisho into ethize eLingayisho. Bayosho khona impela okwashiwo ngumprofethi weqiniso, lokho kubenza umprofethi. Khona-ke lapho bethola lokho, bese kuthi-ke bakusho kungakenzeki okuzofika, bazi lokhu, ngokwesaba enhliziyweni yabo, funa basho into okungesiyo futhi kufanele kudukise umuntu othile. Asifuni neze ukwenza lokho. Sifuna ukuba siqiniseke ngoqobo ukuthi sinalo iZwi leNkosi ngaphambi kokuba sithi ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Kufanele kube wuqobo, umlayezo oqonde ngqo uvela esiHlaweni sobukhosi sikaNkulunkulu, kungenjalo asifanele neze ukuba sikusho.

28 Manje, sisesekufundisiseni imiBhalo, ubonile ukuthi iminyaka engamashumi ayisikhombisa yase iphela. Ngakho, yena elapho iminyaka engamashumi ayisithupha nesishiyagalombili, wasalelwa yiminyaka emibili esikhathini esizayo uNkulunkulu aze abuyisele abantu baKhe babuyele ezweni labo lendabuko.

Esesemkhulekweni, sithola ukuthi kwakukhona iNgelosi enamandla eyavela eZulwini. Ukhona ongalisho igama laYo na? [Ibandla, lithi, "Gabriyeli."—Umhl.] UGabriyeli. Futhi UyiNgelosi ebandleni lamaJuda. Bangaki kokwaziyo lokho na? Ndawo zonke, nguGabriyeli. UGabriyeli uyisithunywa ebandleni, ibandla lamaJuda; weza kuMariya; Weza kuZakariya. Njalo, nguGabriyeli. Futhi Ungomunye weziNgelosi ezinkulu zaseZulwini. Futhi Akamlethelanga yini uMfowethu Daniyeli ukubingelela okuyisimangaliso okuvela kuNkulunkulu na! "O, Daniyeli, othandiweyo kakhulu!"

29 Bekungeke yini lokho kukwenze uzizwe ukahle, ukucabanga ukuthi uNkulunkulu wakuthanda na? Ukuba ngangingathandwanga kakhulu, ngangiyovele nje ngifune ukwazi ukuthi ngiwuhlobo oluthandwa kancanyana phezulu Lapho, wawungeke wena na? Impela. Nje uhlobo lo... Ucabanga ngami, ngankathi, kwakuzovele nje kungenze ngifune ukumemeza, ukucabanga ngisho nokuthi Uyanginakekela. Futhi sinesiqiniseko ukuthi Uyasinakekela, ngoba, "Kwathi siseyizoni, uKristu wafa esikhundleni sethu," mfowethu. Futhi, manje, esasingumfokazi kuNkulunkulu, manje usesenze sasondela kuNkulunkulu futhi wasipha isibambiso sensindiso yethu, okungukuthi, uMoya oNgcwele. Futhi nokukholwa okuphakathi lapho okusiphakamisela ngaphezu kwezinto zezwe, futhi sigibela sileqe ngaphezulu. Lokho kuyakhazimula. Akunjalo na? Kulungile.

30 Esesemkhulekweni, uGabriyeli uyafika wase emtshela ukuthi kwakungesiyona kuphela eminye iminyaka emibili ngaphambi kokuba babuyele ezweni labo lendabuko, kodwa wamtshela isiphetho sonke salesosizwe. Kucabange nje! Isiphetho sonke, lonke uhambo lwasemhlabeni, uGabriyeli wakuchazela uDaniyeli. Wathi Wayethunywe ukuzotshela uDaniyeli lento enkulu. Ukuthi lowo mprofethi wazizwa enjani! Futhi Wamtshela ukuthi kwakukhona amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu, kuya ekupheleni; leso yisikhathi sokuphela, ngakho konke sekuphelile, ukuphela. Wathi, "Kukhona amasonto angamashumi ayisikhombisa."

31 Abanye babo balinganisela lokho ezinyangeni, abanye ezinsukwini, abanye...Hhe! Uma nje kungamasonto ngempela, kukhona kuphela cishe emibili, nekota yonyaka, noma iminyaka owodwa nekota yawo. Futhi, niyabo, wena... Yilapho esifanele sithole khona, ukuba sibe neqiniso.

32 "Amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho." Nganhlosoni na? Ngani na? Kwanqunyelwa abantu bakabani na? Abantu bakaDaniyeli, amaJuda. Futhi kwanqunyelelwani na? Kungesuye uDaniyeli kuphela, kodwa nomuzi ongcwele kaDaniyeli; niyabo, umuzi ongcwele kaDaniyeli. Manje, klasi, wawuyini umuzi ongcwele kaDaniyeli na? [Ibandla lithi, "IJerusalema."—Umhl.] IJerusalema.

33 Futhi manje sizothatha, mhlawumbe singene kukho kulobubusuku: Lalikuphi iJerusalema na? Ubani owaqamba iJerusalema na? Senake nakucabanga lokho na? Ubani owaqamba iJerusalema na? Laqanjwa nini na? Sizofika kukho, emva kwesikhashana. Ubani owaqamba iJerusalema na? Mfana, kuyintwanyana efihlwe ngemuva ekhoneni, kodwa ngempela Liyayisho. Yebo, mnumzane. Ubani owaqamba iJerusalema, futhi laqanjwa nini na? Kulungile. Futhi lowo ngumuzi ongcwele kaDaniyeli.

34 Futhi siyaqonda ukuthi lowomuzi, manje osubeyisiqalekiso iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, uzobuye wakhiwe futhi ubuye umiswe futhi. Nokukhonza ethempelini kuzohlelwa njengoba kwakunjalo ekuqaleni. Kunjalo. IJerusalema lizobakhona, manje, futhi kuzobakhona umhlatshelo, umnikelo wemihla ngemihla onikelwayo futhi njengoba kwakunjalo nje ekuqaleni. Sizongena kokuningi kwalokho, ngiqagele, kulobusuku, noma inqwaba yakho.

35 Manje ngifuna nazi, bangane, ukuthi, ukushaya kulezizinto, impela ngishiya amaviki okufundisa. Kodwa nje ukuthi ukukushaya, ukuze kuthi uma isimo sezulu sesiphola, noma kamuvanyana, lapho sesingena kulezo ziMpawu eziyisiKhombisa, iZitsha eziyisiKhombisa, amaCilongo ayisiKhombisa, zonke lezizinto, engingakhomba kukho emuva bese ngithi, "Niyakhumbula emasontweni angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli na? Niyawukhumbula unyaka weBandla, ngenkathi lenyuka, nokuthi kwenzekeni na?" Nalamasonto angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli athatha kusukela ekwenyukeni kweBandla kuze kube sekubuyeni kweBandla. Lelobanga lesikhathi yilokho okusithathayo. Manje, manje, hhayi onke amasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli; ingxenye yawo. "Amasonto angamashumi ayisikhombisa ayanqunyelwa."

36 Manje, kwakukhona inhloso ekasithupha ekuhambeleni kwaKhe, emtshela ukuthi yini okwakuzofezeka. Manje, kwakukhona inhloso ekasithupha yokufika kwaKhe. Manje, kulobubusuku, ngicabanga ukuthi sizoshiya ngapha emiBhalweni lapho ebesikhona kulokhu ukusa, lapho obekukhona khona inhloso ekasithupha. Silapha. Manje sithola ukuthi kwakukhona inhloso ekasithupha, eyodwa yayo. Manje asithole i . . . isahluko se-sine, i . . . ivesi le-sine . . . ivesi lama 24 lesahluko se 9 sikaDaniyeli.

*Futhi amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho* . . .

Manje khumbulani, yilokho kuphela uhambo lwama-Israyeli oluzoba nakho kulomhlaba. Anqunyelwe. Amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe nje. Yilokho kuphela okwabelwe amaJuda.

. . . *abantu bakho nomuzi wakho ongcwele,* . . .

Ngakho-ke, lamasonto angamashumi ayisikhombisa, manje ningakugeji, kuzokwembula kusukela kulesosikhathi kuya ekupheleni kwamaJuda, kanti futhi nasekupheleni kweJerusalema, kuze kubekhona umuzi omusha owakhiwayo. Manje, o, ngiyethemba singena kukho, kahle kakhulu nangokujula kulobubusuku.

. . . *anqunyelwe abantu bakho nomuzi wakho ongcwele,* . . . (Ukwenzani na?) . . . *ukuqeda isiphambeko,* . . .

37 Wamtshela ini manje na? Wayezama ukuthola ukuthi kuzoba yisikhathi esingakanani. "Ngiyazi sisesikhathini sokuphela." Njengoba sikuso manje, "Nkosi . . . "

38 Bangaki kuleliklasi, kulobubusuku, okholwa ukuthi sisesikhathini sokuphela na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. Sisekupheleni. Manje sizama ukuthola, ngoNkulunkulu, ukuthi nje kuzoba yisikhathi eside kangakanani lokho. Suku luni esiphila kulo na? Yingakho sibuyela emuva futhi sicaphuna lababaprofethi, nokunye nokunye, futhi sizama ukuthola ukuthi sikuphi.

39 Futhi yilokho uDaniyeli akwenzayo. Wabhekisela ubuso bakhe kuNkulunkulu. Bangaki abafunde uDaniyeli 9 namhlanje na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile. Niyawubona umkhuleko wakhe, ukuthi wakwenza kanjani ukuvuma kwakhe kwabantu bakhe, nokuvuma kwakhe uqobo. Wayefuna ukuqiniseka ukuthi wathola ukuthi babezobuyela nini emuva, ngoba wayefuna ukuthola abantu balungele ukubuyela emuva.

Manje, engizama ukukwenza, ngukuthola ukuthi sizokwenyuka nini, futhi ngithole abantu abalungele ukwenyuka, abase belungele. Futhi sibhekisele ubuso bethu kuNkulunkulu, ngemikhuleko nangokunxusa, ukuthola, "Nkosi, hora lini esiphila kulo na?"

40 Sizibonile zonke lezizinto ezehlukene zenzeka; sibona izwe lisenxushunxushwini. Sibona isikhathi sesiseduze. I s- . . . umbhalo wesandla usodongeni, yonke into uNkulunkulu ayisho. Sizwa uMongameli wethu ekhuluma ngenye impi, njengamanje ezayo. Sizwa isibikezelo, "Phakathi, o, phakathi kwamahora ambalwa emva kwempi, kubikezelwe ukuthi izizwe aziyikubayilutho kuphela yimpuqumpuqu yentabamlilo." Futhi siyazi sinayo.

Ngakho siyazi, ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla lizofanele lihambe. Ngakho, "Nkosi, sikuphi na?" Yingalesosizathu ngikholwa ukuthi Izosazisa. Sibhekisela ubuso bethu ukuba sithole. Manje, kuqala, ake sithole.

> *Amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho . . . umuzi wakho ongcwele, ukuqeda isiphambeko, . . . kukhawula isono, nokwenza* ukubuyisana *ngobubi, . . . ukungenisa ukulunga okuphakade, . . . ukunamathelisa umbono nesiprofetho, nokugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.*

41 Leyo kwakuyinhloso ekasithupha yokuhambela kukaGabriyeli.

42 Manje asiqale, eyokuqala. Uma nifuna ukukumaka, nina eninamapensela. Eyokuqala, "Ukuqeda isiphambeko," leyo yinto yokuqala. Manje, ukuqeda isiphambeko sika-Israyeli, owaphambuka kuNkulunkulu, kuzoba ngukuxoshwa kokungamesabi uNkulunkulu kukaJakobe.

Manje, ukuthola lokhu, asiphenye kumaRoma. Isahluko se 11 samaRoma, futhi siqale evesini lama 21 lamaRoma 11. Manje siya kuphi na? "Qeda iziphambeko." AmaRoma 11:21. Kulungile.

> *Ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga* igatsha *lemvelo*, . . . (Elalingubani na? U-Israyeli.) . . . *qaphela funa . . . ngakuyeki wena.*

Manje, ngifuna nina, lapho seniya ekhaya, ukuba nisifunde sonke lesisahluko se 11. Ngifunda lokhu nje ukuze . . . Makani phansi sonke isahluko se 11, futhi nisifunde.

> . . . *kuyeki wena.*
>
> *Bheka-ke ububele . . . bukhali bukaNkulunkulu: kulabo abawayo, . . . kepha kuwe, ububele, uma uhlala ebubeleni, uma kungenjalo u . . .* zaku*nqunywa,* nawe *unqunywe.*
>
> *Nalabo, uma bengahlali e un- . . . uma bengahlali ekungakholweni, bayakufakelwa: ngokuba uNkulunkulu unamandla okubafakela futhi.*

Niyabo, esho ukuthi kuzobakhona isikhathi lapho oweZizwe eyonqunywa akhishwe, no-Israyeli abuye angene futhi.

> *Ngokuba uma* wena *wanqunywa e—emnqumweni ongawasendle ngemvelo* (abeZizwe), wa*fakelwa emnqumweni omuhle ngokuphambene nemvelo . . .*

Sasiphambene nemvelo, umfokazi, singenamusa, singenaNkulunkulu, singenalo nhlobo ithemba. Futhi uNkulunkulu, ngomusa waKhe, ukusinika ithuba, wanquma u-Israyeli olungileyo ngenxa yeziphambeko, futhi wababuyisela

eceleni, i wil-. . .umnqumo othanjisiweyo, futhi wangenisa umnqumo wasendle, ophambene nemvelo.

> *. . .emthini . . .omuhle: ikakhulu labo, bengamagatsha ngemvelo, bayakufakelwa emnqumweni wakubo?*

Kulungile, asifunde siqhubeke.

> *Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningayazi imfihlakalo, funa nizishaye abahlakaniphileyo* ekuzidleni kwenu; *ukuthi inxenye ka-Israyeli,* ka-*Israyeli yehlelwe ngubulukhuni,* yenzeke *ku*-Israyeli, *kuze . . .ngene abeZizwe ngokupheleleyo.*

43 Aze uNkulunkulu aqede ngabeZizwe, u-Israyeli wayephuphuthekisiwe. Bangena esonweni naseziphambekweni kuNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu waphuphuthekisa amehlo abo, ukuze thina sifakelwe. Niyakuthola na? Ivesi lama 26 manje:

> *Kanjalo u-Israyeli wonke uyakusindiswa: . . .*

44 UNkulunkulu wabaphuphuthekisa ngenhloso enzela wena nami. Bangeke babone, ngoba uNkulunkulu wabaphuphuthekisa. Futhi wonke u-Israyeli, u-Israyeli wangeqiniso, uyakusindiswa. Yathini iNgelosi na? Udumo! "Ukuqeda isiphambeko sika-Israyeli! Ngizonitshela ukuthi kuzofika isikhathi lapho ukuphambuka kuka-Israyeli kuzoqedwa." UNkulunkulu uzolinquma lelogatsha lasendle, futhi afakele kulokho, emuva, lelogatsha langempela futhi.

45 O, ngezinye izikhathi kwenza inhliziyo yami igxume, ukubona labo abampofu, abantu abalusizi benqunywe ngaleya, bengazi ukuthi bayaphi; nokucabanga ukuthi uNkulunkulu, emseni waKhe, wakwenza lokho ukuze ngisindiswe. Waphuphuthekisa amehlo abo kuMesiya wabo uqobo, wavala izindlebe zabo ukuba bangaMuzwa; nokho, wabuka ngqo ezimangalisweni zaKhe, futhi wabuka ngqo ezimangalisweni zaKhe nezinto Ayezenza.

46 UMathewu, ngiyakholwa, isahluko 12, noma se 8 noma isahluko se 12, wathi, "Nakuba uJesu wayenze izimangaliso eziningi, nokho abakholwanga." Ngoba, uNkulunkulu wathi, "Banamehlo kepha ababoni, nezindlebe kepha abezwa; ngaphandle uma bebona ngamehlo abo futhi bezwe ngezindlebe zabo, futhi Ngiyobaphendula." Kodwa, ukuze sibe nethuba, Wehlisela ikhethini phezu kwamehlo abantwana baKhe uQobo, waxosha abantwana baKhe uQobo etafuleni, futhi wabaphendulela ekondeni kukaMoya, ukuze Athole . . .ukuze sibe nethuba lokuphila, esipha ukuPhila. Ivesi lama 26, futhi.

> *Kanjalo u-Israyeli wonke uyakusindiswa: njengalokho kulotshiwe ukuthi, Kuyakuvela eSiyoni uMkhululi, asuse ukungalungi kuJakobe:*

47 Yebo, Uzoza eNtabeni yaseSiyoni, ngolunye lwalezizinsuku. ENtabeni yemiNqumo, bayoMqonda, futhi wonke u-Israyeli uzokwazi ukuthi nguYe. AbeZizwe bazobe sebephelile ngaleyonkathi. Lelogatsha ebelifakelwe, uNkulunkulu uzothatha kulo isithelo esibuthiwe. Nalelogatsha lasendle lizoba . . .

48 Futhi manje khumbulani, ngemuva phakathi lapha njengoba nifunda, Wathi, "Uma leyo izimpande yayingcwele, naleyo izimpande yayiyiMpande engcwele, kanjalo nesithelo esikhulayo kuleyoMpande engcwele sizoletha isithelo esingcwele." Futhi uma leyoMpande yayinguJesu Kristu, Oyikho kokubili iMpande neNzalo kaDavide; uma lokho kuPhila kwakukuYe, kwenyuka ngesizukulwane samaJuda futhi sanqunywa kuwo, namehlo abo aphuphutheka ukuze sibone, izimpilo zethu zizofanele zilingise lelophethini leloGatsha elibusisiweyo. O, yebo, mfowethu. Kunjalo.

49 UNkulunkulu wabanquma, ngenhloso, futhi waphuphuthekisa amehlo abo ukuze sibe nethuba lokubona, esinikeza ithuba. Futhi sihamba hamba sengathi singumuntu othize. UPawulu uyabatshela lapha, "Qaphela, ukuthi ukwenza kanjani lokho. Qaphela! Ngokuba uma uNkulunkulu engayekanga igatsha lemvelo, Uzoba kanjani nomunye umusa egatsheni lasendle eselivele . . . "

Ngakho sihamba sizungeza, sithi, "NgiyiPresbyterian! NgiyiMethodisti! NgiyiBaptisti! NgiyiPentecostal!" Lokho akuthi shu kuNkulunkulu. Ufanele uzalwe ngokusha ngalowoMoya oNgcwele ovela eMpandeni. Kodwa Ufika . . .

50 Manje, khumbulani, Akakhulumi ngoweZizwe. Ngiphonsa lokhu nje phakathi lapha ukuze nibone ukuthi kukuphi lapho abeZizwe benethuba labo khona.

51 Kodwa, Ufikela "ukuqeda isiphambeko," enze ukuqedwa kwaso. Manje, uma sibuya singene kuDaniyeli futhi, futhi sizothola ukuthi kuDaniyeli, siyathola lapha, ivesi lama 24. Kulungile. "Ukuqeda isiphambeko." Ukuqeda ini na? Ukuqeda isiphambeko sika-Israyeli.

Yini *ukuphambuka* na? Kungukuphambana nento ethize. Okuphambene nami, kungukwenza okungafanele kimi. Ukuphambana nawe, kungukwenza okungafanele kuwe.

Ngakho, u-Israyeli wenza okungafanele kuNkulunkulu. Futhi kulelisonto lamashumi ayisikhombisa, kuzokwenzekani na? UNkulunkulu uzoqeda isiphambeko sika-Israyeli. "Qeda isiphambeko," kuzoba, "ukususa ukungamesabi uNkulunkulu kuJakobe." Futhi khona-ke wonke u-Israyeli uzophinde azalwe. Bonke bazomukela uMoya oNgcwele.

Manje, okwesibili, kubhaleni phansi lokho ephepheni lenu.

52 Besingahlala isikhathi eside kulokho, kodwa angifuni ukuqhubeka ngishumayele ngakho. Nje ngifuna ukukhuluma nani, ukuze nikuthole phansi kusondele. Lapho sesingena kuleziziMpawu eziyisiKhombisa, khona-ke nizovele nje niqhubeke kanjalo nidlule eBandleni, nidlule eziMpawini, nidlule eziNhluphweni, futhi nazi ukuthi simi kuphi. Kulungile.

53 Okwesibili, "Kukhawulwe izono." Manje asifunde futhi, uDaniyeli.

> *. . .ukuqeda . . .isiphambeko, no—nokukhawula izono, . . .*

Leyo yinhloso yaKhe yesibili yokufika. Kuqala, ngukuqeda isiphambeko sika-Israyeli; nokukhawula izono. Wonaphi u-Israyeli na? Basenza kuphi isono sabo esisemqoka na? Bazehlukanisaphi noNkulunkulu na?

54 Manje lalelisisani. Asiphenye kuMathewu oNgcwele 24. Futhi nakhu lapho u-Israyeli enza khona iphutha lakhe eliwukufa. Nakhu lapho enze khona isono sakhe sokugcina, nesizathu sokuba abe sesimweni namhlanje. UMathewu, isahluko sama 27 seVangeli likaMathewu oNgcwele, nevesi lama 25 lesahluko sama 27. Asiqale cishe e—evesini lama 21.

> *Wayesephendula umbusi wathi kubo, Nithanda ukuba nginikhululele muphi kulaba ababili na?* Futhi *bathi, uBaraba.*

Manje khumbulani, lowo ngu-Israyeli. "UBaraba!"

> *UPilatu wathi kubo, Pho ngimenzenjani . . .uJesu othiwa uKristu na?* (Balaleleni!) *Bonke* bathi *kuye, Makabethelwe.*

Khumbulani, lowo nguMesiya wabo uDaniyeli athi uyofika. Khumbulani kulokhu ukusa, esifundweni lapha, "Uzonqunywa, kungesikho ngokwenza kwaKhe," hhayi lutho Akwenza.

> *. . .Makabethelwe.*
>
> *Umbusi wayesethi, Ngani, ngokuba wenze-bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi, Makabethelwe.*
>
> Kwathi *uPilatu esebona ukuthi akanakwenzalutho, kepha . . .nokuthi isiphithiphithi sesanda kakhulu,* futhi *wathatha amanzi, wahlamba izandla zakhe phambi kwesixuku, wathi, Anginacala egazini lalomuntu olungileyo: zi . . .boneleni.*

55 Lalelani! Nanti iphutha labo. Nasi isono sabo.

> *Abantu . . .base bephendula, bethi, Igazi lakhe malibephezu kwethu, naphezu kwabantwana bethu.*

56 Yilapho-ke abasenze khona. Wayenzela bona ukukhawula isono. Wayengakwenza kanjani okunye ngaphandle kokuthi abathethelele, azi ukuthi Wadingeka abaphuphuthekise amehlo abo, ukuze singene na? Kunjengabantwana baKhe uQobo

bebiza iGazi laKhe. Futhi babephuphuthekisiwe, futhi Wayazi ukuthi babephuphuthekisiwe. Yingalesosizathu Akhalela ukuba bathethelelwe. “Bathethelele, Baba, ngokuba abakwazi abakwenzayo.” Babephuphuthekile. Ngenxa yethu benziwa baphuphutheka. Ngokungakholwa kwabo benza lokhu. Kodwa lapho sebeMbona futhi . . . Amen!

57 “Akhawulise isono.” Yini isono na? Ukungakholwa. Abakholwanga ukuthi lowo kwakunguMesiya. Abakwazanga ukuMbona enguMesiya, nokho Wayenze sona impela isibonakaliso uMesiya ayefanele asenze. Kodwa abakwazanga ukusibona. Babephuphuthekile.

58 Ngakho lapho ubona abantu bethi, “Angikholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu. Angikuboni. Angiwuboni lombhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Ungabathukutheleli; baphuphuthekile. Bathi, “Angiwuboni loMlayezo waKhe Efika. Angiwuboni lombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Angiyiboni inzalo yenyoka. Angiyiboni lento.” Baphuphuthekile, futhi abakwazi. Nje bakhulekele. Kulungile.

59 Ekungakholweni kwabo; kodwa, sebeMbona, Esefika futhi, kuzokhawula ukungakholwa kwabo. O, he! Ake nje siphenye kuqala kuGenesisi 25, isahluko sama 45, futhi sithole u—umfanekiso wakho. Nginakho kubhalwe phansi lapha okunye, kukaGenesisi 45, wena obhala phansi amanothi. O, ngilithanda kangakanani leliVangeli elihle elidala! Kulungile. Manje siyazi ukuthi sikuphi.

Ningizwa kahle, kwingemuva lesakhiwo na? Phakamisa isandla sakho uma ungizwa. Ngikusondeze kakhudlwana lokhu.

60 Manje sizofunda ingxenye yalomBhalo. Ngifuna ulalele, wena ongenalo iBhayibheli lakho. Wena oneBhayibheli lakho, nguGenesisi. Kuqala, asiqale ngesahluko sama 44, siqale ngevesi lama 27.

61 NguJosefa, futhi uJosefa wayengumfanekiso ophelele kaKristu. Siyakwazi lokho. Bangaki kokwaziyo lokho na? Wazondwa ngabafowabo. Ngani na? Ngoba wayengowomoya, wabona imibono, wahumusha amaphupho. Wayeyindoda kamoya phakathi kwabafowabo, futhi bamzonda. Noyise wayemthanda.

Ngakho noJesu wazondwa ngamabandla amahlelo, kodwa wathandwa nguBaba waKhe uNkulunkulu. BaMzondelani na? Ngoba Wayengowomoya. Ngoba . . . Bamtshela, bathi Wayengumbhuli, udeveli.

62 Niyakhumbula ukuthi abafowabo bakaJosefa bathini kuye na? “Nansi iza leyonyanga yamaphupho.” Niyabo? Niyabo, into efanayo. Futhi bathengisa ngoJosefa cishe impela ngenani elifanayo nalelo uJuda athengisa ngalo uJesu, izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Bamphosa emgodini, futhi bahamba bafike batshela ubaba ukuthi kukhona okumbulalile,

wayesefile. Kodwa waphakanyiswa emgodini. UKristu waphoswa emgodini, futhi waphakanyiswa. Futhi kusukela lapho waya endaweni ephakeme ukwedlula yonke eyayikhona emhlabeni. Amen! UJosefa waya ngakwesokudla sikaFaro; noJesu waya ngakwesokudla sikaNkulunkulu. Ekulingweni kwakhe, ngaphambi kokuphakanyiswa kwakhe . . . UJesu, ngaphambi kokuba Aphakanyiswe, wedlula ekulingweni.

63 Ngani, ngikholwa ukuthi kwakunguBilly Sunday, umvangeli omkhulu, wathi, "Zonke—zonke izihlahla zazineziNgelosi eziyisigidi ezihlezi kuzo, lolosuku lokubethelwa, zathi, 'Dedela isandla saKho nje ukhombe kithi. Sizosiguqula lesisigcawu ngalapha.'" Kodwa Akakwenzanga.

64 UKayafase wathi, "Wazisindisa; kodwa abanye akakwazi ukubasindisa." Wayengazi ukuthi wayesephawula. Ukuba WayeZisindisile, Wayengeke abasindise abanye. Ngakho, WaZinikela, ukuba asindise abanye. Niyabo, bephuphutheke kakhulu kukho. Manje ba . . .

65 Kwathi-ke elapho ekuphakanyisweni kwakhe, noma ngaphambi kokuphakanyiswa kwakhe, ukulingwa kwakhe . . . Khumbulani, uJosefa wafakwa etilongweni ngoba wayengenacala.

66 UmRoma, noma, induna yama-Israyeli, egama linguPotifari; uPotifari wahamba, futhi wasuka wathatha uhambo. Wayenonkosikazi obukekayo, nomkakhe wathi uJosefa akangene endlini azokwenza okuthize, futhi wazama ukwenzisa uJosefa okungalungile. Futhi wayethembekile kuNkulunkulu. Ngiyakutshela, bahlala njalo . . .

67 Nina besifazane, nginimpongolozele; manje ngizoba ngakini, umzuzu. Niyabo? Owesifazane uyisitsha esibuthakathaka ngokuthe xaxa. Ngiyazi ngeke kwabakhona indoda embi ngaphambi kokuba kubekhona owesifazane omubi. Kodwa amadoda ekwaziyo lokho, amadoda eyaziyo ukuthi uyindodana kaNkulunkulu, bese usizakala ngowesifazane, ngiyakudabukela; akunandaba ukuthi wenzani. Uyisitsha esibuthakathaka ngokuthe xaxa, futhi uyakwazi lokho. Uma ephuma, eziphatha ngokungesikho okwenenekazi, mbambe ngesandla bese ukhuluma naye njengodade. Uyindodana kaNkulunkululu. Ungazenzi lezozinto ezimbi. Buka uJosefa, wayeyisibonelo kuwe.

68 Futhi ngenkathi umkaPotifari, lona wesifazane omuhle, ohloniphekile, ophakeme kunabo bonke, omunye wabesifazane abaphakeme kunabo bonke kowayekhona ezweni, wamxusa futhi wamncenga. Futhi wajika, futhi wambamba futhi wazama ukumgonela kuye. Futhi wadluthula waze wahlubula ngisho ibhantshi lakhe, futhi wambalekela. Yebo, mnumzane. Futhi lapho engena, bakhuluma amanga ngaye, bathi ungenela ukuzomdlwengula, futhi washiya elakhe . . . futhi washiya

ibhantshi lakhe lapho. Futhi ngalokho waya emgodini oyitilongo. Kodwa, emgodini oyitilongo, uNkulunkulu wayenaye, akunandaba ukuthi bambekaphi.

69 Wayengumfanekiso weNdodana yempumelelo. Yonke into uJosefa ayenzile yaphumelela. Futhi uma uJesu esebuya esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, yingalesosizathu izingwadule zizohluma njengentebe. Yonke into Ayenzayo izophumelela. UyiNdodana yempumelelo. Noma yikuphi lapho obeka khona uJosefa, kwakubusiswa. Noma yikuphi lapho uJesu ekhona, kubusisiwe. Ngakho, Mfake enhliziyweni yakho futhi ubusiswe.

70 Ngakho siyathola manje, ukuthi, uJosefa wabe-ke esefakwa etilongweni. Futhi etilongweni kwakukhona amadoda amabili; eyodwa yawo yalahlwa, neyodwa yasindiswa. UJesu, ekulingweni kwaKhe esiphambanweni, elilodwa isela lalahlwa nelinye lasindiswa.

71 Ngenkathi Ephakanyiswa, Waya ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Ngenkathi uJosefa ephakanyiswa, waya ngakwesokunene sikaFaro, futhi akukho-muntu owayengakhuluma noFaro ngaphandle kokukhuluma noJosefa kuqala futhi athole imvume.

Futhi lapho uJosefa esuka esigodlweni . . . O, he! Lapho uJosefa esuka esigodlweni, kwakukhala amacilongo, nabantu bagijime phambi kwakhe, bethi, "Guqani ngedolo! UJosefa uyeza!" Amen!

Futhi lapho uJesu esuka kwesokunene soMkhulu ngaphezulu, amacilongo azokhala. Nawo onke amadolo ayoguqa, nazo zonke izilimi ziyovuma, "UJesu uYeza!" Impela! Kodwa uma . . .

72 Futhi, khumbulani, ngenkathi enqatshwa abafowabo, wenzani na? Wathola unkosikazi wabeZizwe; wathola unkosikazi waseGibhithe. Ngenkathi uJesu enqunywa kubafoWabo emuva lapho, amaJuda, Waganwa nguMlobokazi wabeZizwe. Kodwa manje, emva kweminyaka, emva kokuba abantwana sebezelwe, u-Efrayimi noManase, wayesenomndeni.

73 Khona-ke, ngelinye ilanga, abafowabo beza ukuzomvakashela. Qaphelani. Siyayazi indaba, ukuthi wayifaka kanjani into encane lapho, ukuyithumela emuva. Futhi wenza sengathi wayengakwazi ngisho ukukhuluma ulimi lwabo; waba nomhumushi, wesiHeberu, kanti wayengumHeberu qobo lwakhe. Nomfowabo wayehlile. Babengamazi. Wayeyingumbusi omkhulu.

Futhi khona manje, uKristu uvakashela amaJuda, uphilisa abagulayo babo nezinto, futhi bayilokhu bengamazi ukuthi UnguBani, lowoMesiya.

Asiqale evesini lama 27 lesahluko sama 44.

*Yayisithi inceku yakho ubaba kithi, Niyazi ukuthi umkami wangi—ngizalela amadodana amabili:*

*Futhi* enye yawo *yaphuma kimi, . . .*

Lowo kwakunguJosefa, yena impela lo ababekhuluma naye.

*. . . ngathi, Impela idatshuliwe nokudatshulwa; angiyiboni kuze kube-namanje:*

*Nxa nithatha nalena niyisuse kimi, yehlelwa yingozi, niyakwehlisela izimvu zami elibeni ngosizi.*

74 BabenoBenjamini omncane ezansi lapho, umfowabo omncane. Niyazi ukuthi uBenjamini umele bani na? Lesisigejane esisha sawangempela, amaJuda angokoqobo esibuthana lapho manje ukwenza lezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, lesi—lesisizwe esikhuphukayo. Kungesibo lababakhuthuzi baseWall Street, qhabo, qhabo; lowo nje ongashaywa-mkhuba kakhulu. Lawo akusiwo amaJuda. Bona akusiwo amaJuda. AmaJuda angempela yilaba oBenjamini abancane abakhuphuka besuka ezansi phakathi lapha, futhi abangakaze balizwe ngisho iZwi likaJesu Kristu.

*Kalokhu nxa* kufika kimi . . . noyihlo . . . no*baba, umfana engenathi; lokhu inhliziyo yakhe ibambelele enhliziyweni yomfana;*

75 UkuPhila kukaNkulunkulu uqobo kubambelele ku-Israyeli. Uganwe nguye. Sizofika kulokho emizuzwini embalwa, uma iNkosi ithanda. Uganwe ngu-Israyeli. UkuPhila kwaKhe kubambelele kuye. Njengoba nami ngibambelele kuNkk. Branham emuva lapho, umkami, nawe ubambelele kumkakho. Ukuphila kwakho kusongelwe kukho. NoNkulunkulu uganwe ngu-Israyeli. Futhi kwakuyini na? UJakobe wathi, "Ukuphila kwami kusongelwe futhi kubambelele kulomntwana. Ngiyaku . . ."

Futhi *kuzakuthi, lapho ebona ukuthi umfana akakho kithina, . . .*

UJosefa wayezomgcina umfana, niyazi. Siyayazi indaba.

*. . .* futhi *afe,* uyise: *izinceku zakho ziyakuzehlisela izimvu zenceku yakho ubaba elibeni enosizi.*

Lalelani lesosicelo uRubeni asinikelayo manje.

*Ngokuba inceku yakho* iba *yisibambiso somfana ko*wakho . . . *kubaba, yathi, Uma* ngingab*uyiseli . . . ngambuyiseli kuwe, ngiyakuba-necala kubaba kuze kube-phakade.*

*Ngakho, inceku yakho, ake ihlale esikhundleni somfana . . .*

O, he! Niyabo, umi phambi kukaJosefa ngqo, umfowabo. Lona nguJosefa, futhi akamazi. O, linda kuze kuqale lesosikhathi seminyaka eyiNkulungwane, mfowethu!

. . . manje *esikhundleni somfana abe-yi*sigqila *senkosi yami;* . . .

Mlaleleni, emvuma ukuthi eyi, "nkosi."

. . . *umfana akhuphuke nabafowabo.*

*Ngokuba ngingakhuphukela kanjani kubaba, umfana engenami? funa ngibone okubi okuzakumehlela ubaba.*

76 Ecela, enikela ngokwakhe ukuphila! Azoma kanjani lawomaJuda lapho eneke izandla zawo! Qaphela. Qaphela manje esama 45, ivesi . . . Lalelisisani, ningakugeji. "Lapho uJosefa ese . . ."

*Khona uJosefa wayengasenaku . . . -ba—ngenakuzibamba phambi kwabo bonke ababemi naye;* . . .

Mfowethu, yingaleyonkathi lapho isono sizokhawuliswa khona. Ukungakholwa kuzohlakazeka.

. . . *wakhala,* futhi wathi *phumisani* . . . *kimi abantu bonke. Kwakungemi-muntu naye, uJosefa esazazisa* ku*bafowabo.*

77 Kuyini na? Ngisho nomkakhe uqobo wabuyela esigodlweni. O, he! UMlobokazi eseNkazimulweni, ngenkathi uJesu ebuya (Sizongena kukho lapha.) ukuba Azazise.

*Wayesephakamisa izwi ngokukhala:* . . .

UJosefa akabange esakwazi ukuzibamba, futhi wakhala kakhulu.

. . . *abaseGibhithe bakuzwa nendlu kaFaro yakuzwa.*

78 Kuthi ngqu kubuyela ngaleya esigodlweni, bamuzwa uJosefa ekhala. Manje, lowo kwakungumfanekiso kaKristu ehlangana namaJuda, ukuthi, Uyazi ukuthi Wawaphuphuthekisa ukuze thina sibe nethuba. Kodwa lapho Esebuyela kuwo futhi, isono sika-Israyeli sizobe sesingasekho.

*UJosefa wayesethi kubafowabo, nginguJosefa;* . . .

Ucabanga ukuthi uJesu uzothini na? "NginguMesiya wenu. NgiyiLowo enambethelayo."

. . . *ubaba usekhona na? A*bafowabo *babengenakumphendula; ngokuba bashaqeka ebusweni bakhe.*

79 O, ngifanele ngime lapha umzuzu nje. Asiphenye ngale kuZakariya isahluko 12. Phenyani kanye nami eNcwadini kaZakariya, isahluko se 12 sikaZakariya. Futhi mhlawumbe ngithatha isikhathi esincane kakhulu ekuqaleni ukushumayela ngalokhu, kodwa nge—ngethemba ukuthi anginjalo. Futhi ngi—ngifuna nikuthole, kabi kabi.

80 UZakariya, asithole isahluko se 12 sikaZakariya, futhi sibone ukuthi Uzothini manje lapho Esemi phambi

kwabafoWabo. UZakariya 12, nele 10. "Ukukhawula isono," manje. Kulungile, isahluko se 12 nevesi 10.

81 Qaphelani. Futhi manje ukhuluma lapha ngensali; ukuvinjezelwa kweJerusalema; isilo nezimpi sekususiwe, nokunye nokunye; zonke izinto seziya ekupheleni manje; lokhu impela sekuthi akube sesikhathini seminyaka eyiNkulungwane, kulungela ukuqala isikhathi seminyaka eyiNkulungwane khona manje.

> *Ngiyakuthululela phezu kwendlu kaDavide, naphezu kwezindawo zokuhlala eJerusalema, umoya wo* (wani?) *musa . . .*

Amen! Umusa omangalisayo!

> *. . . phezu kwendlu . . . abakhileyo eJerusalema,* (OkaDaniyeli "umuzi ongcwele"), *umoya womusa nowokunxusa: bazobheka mina abangigwazileyo, bamlilele, njengokulilela ozelwe yedwa, babenomunyu ngaye, njengonomunyu ngezibulo lakhe.*

82 Lalelani, kuzoba ukulila okungakanani lokho lapho Esemi lapho, Ezazisa kubo, njengoba kwenza uJosefa! Lalelani.

> Futhi *ngalolosuku kuyakuba-khona ukulila okukhulu* kangaka *eJerusalema, njengokulila kweHadad- . . .*

Angikwazi ukulibiza lelogama, H-a-d-a-d-r-i-m- -o- . . .

> *. . . Hadadi-rimoni e . . . Megidoni—Megidoni.*

> *Ezweni kuyakuba* ngukulila, e*mindenini ngemindeni; umndeni wendlu yakwaDavide ngokwayo, nabesifazane bawo ngokwabo;* no*mndeni wendlu yakwaNathani ngokwawo,* nemindeni *yabo ngokwayo.*

> *U . . . indlu yakwaLevi . . . nabesifazane bawo* nemindeni *ngokwabo; . . .* noSimiyoni nababo *ngokwabo;*

> Nayo *yonke imindeni eseleyo, imindeni ngemindeni . . . nabesifazane bayo ngokwabo.*

83 Bayoba namahloni kakhulu ngabo, lapho sebemi lapho futhi babone Lowo impela abambethelayo futhi bamphika, emi lapho, uJosefa wabo uqobo oligugu. Kuzobakhona ukulila okukhulu! Futhi bayothi, "Wazitholaphi lezozibazi na?"

84 Wathi, "Endlini yezihlobo zaMi." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukukhawula isono, sokungakholwa, yilokho Akuzelayo.

85 Nalonyaka wamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli, isonto lamashumi ayisikhombisa, njalo, lizokwenza ukukhawula isono, lisisuse. Seniyaqonda manje na? Yikuphi okokuqala na? "Ukuqeda isiphambeko." "Ukukhawula isono." Okwesithathu, "Ukwenza ukubuyisana ngobubi." Wena okubhala phansi.

Bengineminye imiBhalo eyisithupha lapho, kodwa ngiyayedlula nje, ngoba kuyashisa. Asifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu. Ngifuna ukukuthola konke ngamandla ami onke, kodwa nginganibambi isikhathi eside kakhulu. Kulungile.

86 "Ukwenza ukubuyisana ngobubi." *Ububi ngu* "kwenza okungafanele," njengoba benza esiphambanweni. Wenza ukubuyisana, kodwa akuzukusetshenziswa kubo. Akusetshenziswanga kubo. Ngani? Ngoba babephuphuthekisiwe futhi bengakwazi ukukubona. Futhi baphuphuthekelani na?

Wena uthi, "Awu, mhlawumbe, namhlanje . . . ngoba ngiphuphuthekile." Uphuphutheke ngamabomu. Babephuphuthekile ngoba uNkulunkulu wabaphuphuthekisa. Kodwa wena uphuphutheke ngoba uphuphutheke ngamabomu. Akukho kubuyisana kini. "Uma ningakholwa ukuthi NginguYe," kwasho uJesu, "niyofela esonweni senu." Kunjalo.

87 Manje asiphenye emuva kuZakariya futhi, isahluko se 13. Manje asilalele lapha. "Ukwenza ukubuyisana." Manje, lapho lokhu . . . Bengibuka omunye, yizwani lokhu—yizwani lokhu, kodwa mhlawumbe iNkosi izokuthola ngenye indlela.

> *Ngalolosuku kuyakuba-khona . . .*

88 "Ngalolosuku." UDkt. Scofield unakho lapha emanothini akhe angezansi, noma esihlokweni sesigaba sakhe, "Insali . . . Insali enokuphenduka ikhombe esiphambanweni."

89 "Ukwenza ukubuyisana ngobubi." *Ububi*, yi "nto ethile oyenzile ngokungafanele, obuyazi kangcono, obungafanele uyenze." "Uma ngikhulelwa ububi enhliziyweni yami, uNkulunkulu akazukungizwa."

90 Manje, kuZakariya isahluko se 13, asiqale kwelo 1—ivesi 1.

> *Ngalolosuku kuyakuba-khona umthombo endlini kaDavide unabakhileyo eJerusalema ngokona no . . . ukungcola.*

91 Kuyoba-khona indlu evulwayo. Qhubekani; singakufunda nje sehle. Ngifuna nikumake lokho ukuze nikufunde. Kodwa manje, nginakho kumakwe phansi lapha ukuqala evesini le 6 futhi ngifunde kuye kwele 10. Kulungile, asifunde manje futhi sibone, sifunde siye kwele 9, njalo.

> *Kepha umuntu uyakuthi* kuye, ukuthi kukuphi . . . *Kuyini lamanxeba e*sandleni sakho na? *Yena uyakuthi, Iwo . . . eng . . .* (Awuthi sibone.) . . . *yakuthi, Iwo engalimazwa ngawo endlini yezihlobo zami.*
>
> *Vuka, O nkemba, uvukele umalusi, uvukele umuntu ongumngane wami, isho iNkosi yamabandla: shaya umalusi, kothi izimvu zihlakazwe: ngophendulela nesandla sami phezu kwabancane.*

92 Manje, uJesu wawucaphuna lowomBhalo. Niyabo, "Shaya uMalusi, uhlakaze izimvu." Kodwa qaphelani isigaba esilandelayo. Wacaphuna okungako nje kwaso. Kodwa bhekisisa ukuthi umusho olandelayo wawo uthini, ingxenye yawo elandelayo. "Ngophendulela nesandla saMi kwabancane." Ini? Iqembu likaBenjamini elikhuphukayo manje. "Ngophendulela isandla saMi kwabancane."

93 "Shaya uMalusi." U-Israyeli, kuqala, u-Israyeli washaya uMalusi, kwahlakazwa izimvu zaya kulolonke izwe. Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngobuye ngiphendulele isandla saMi, ukuthola labo abancane ngosuku lokugcina." Nini na? Lapho ukubuyisana ngobubi sekwenziwe.

94 U-Israyeli uzosindiswa, wonke. Asiphenye ku-Isaya. U-Isaya, isahluko sama 66 sika-Isaya, futhi sifunde okwesikhashana nje. Futhi sibone ukuthi uNkulunkulu uthini ngo-Israyeli esindiswa, ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ukusindisa u-Israyeli. Bhekisisa ukuthi kuyofika ngokushesha kanjani. Ku-Isaya, isahluko sama 66 nevesi le 8. Uma ufuna ukukufunda konke, kulungile.

> *Ngubani* o*zwile okunjalo na? ngubani obonile oku*njalo na? *Umhlaba uyakwenziwa* futhi *uveliswa. . .suku lunye. . .suku lunye na? . . .ngokuba iSiyoni lithe lisahelelwa, lazala abantwana balo.*

95 Lathi nje iSiyoni lingabona ukuthi lowo kwakunguMesiya wabo, lazalwa futhi, suku lunye. "Ukwenza ukubuyisana ngezono, nokwenza ukubuyisana ngobubi, ukungahlanzeki." O, he! Benza lokho okwakukubi, lokho okwakungafanele. Ukubuyisana kwenzelwa ububi babo.

96 Okwesine. "Ukungenisa ukulunga okuphakade." Leyo yinto yesine Ayizelayo. Eyesine, Azela ukuzoyenza, "Uku— ukungenisa ukulunga okuphakade." "Ukwenza ukukhawula isono; ukubuyisana; nokungenisa ukulunga okuphakade." Lapho iziphambeko zika-Israyeli sezifike ekupheleni. . . Lapho isiphambeko sika-Israyeli. . .

97 Manje sizo. . .Ngifuna nikubambe lokhu, ngoba lapho siletha lowo wesifazane, nodrako aphoswe ngaphandle, nizobuyela kuwo ngqo lomBhalo ofanayo futhi. Qiniseka ukuWubhala phansi. Lapho isiphambeko sika-Israyeli sesifike ekupheleni, uSathane ongummangaleli wabo nommangaleli wethu, uSathane uzonamatheliswa ngophawu emgodini wakwalasha. Lapho sekunjani na? Lapho sekungeniswa ukulunga okuphakade, into ethize engeke iphele, konke lokho okwabangela ukungalungi kuyoqedwa ngakho.

98 Asithole iSambulo isahluko sama 20 nevesi le 13, umzuzu nje, futhi asifunde lapha umzuzu nje. ISambulo 20, nele 13. . . Qhabo, uxolo. ISambulo. . .1 kuya ku 3, yikho. Angiwubonanga lowomaka omncane phakathi kwalo. Umjuluko wami lapha

ungena emehlweni ami. ISambulo isahluko sama 20, futhi asibone.

> *Ngase ngibona ingelosi yehla ezulwini, iphethe* izihluthulelo *sakwalasha neketanga elikhulu ngesandla sayo.*
>
> *. . .yambamba udrako, inyoka endala, udeveli, noSathane, yambopha iminyaka eyinkulungwane,*
>
> *Yamphonsa-ke kwalasha, yamvalela phakathi, yamqinisa ngophawu, ukuze angabe esadukisa* isizwe, *ize iphele iminyaka eyinkulungwane: emva kwalokhu kumelwe ukuba . . .thukululwe okwesikhashana.*

99 Enze okuphakade . . . "Ukungenisa ukulunga okuphakade," uSathane ekwalasha. Futhi lapho Enza lokho, futhi umbeke uphawu udeveli odukise abantu.

100 Manje asiphenye emuva kuHabakuki, isahluko se 2. Habakuki, isahluko se 2. Futhi manje sizobona ukuthi kungani Anamathelisa ngophawu lenyoka endala, nokuthi kwenzelwani, nokuthi kwenzekani masinyane emva kokuba isinamatheliswe ngophawu. Ngiyakuthanda lokhu, anikuthandi nina na? Ku—kusiletha ekwazini okunye. UHabakuki, uHabakuki, isahluko se 2 nevesi le 14, ngikholwa ukuthi yikho, ngifuna ukufunda. Lapho lokhu kwenzeka . . . Bhekisisani.

> *Ngokuba umhlaba uyakugcwala ukwazi nenkazimulo yeNkosi, njengamanzi asibekela ulwandle.*

101 *Uuuh!* He! *Whewu!* Ngamanye amazwi, lapho isitha sesisusiwe, ukuphela kwesono sekufikile, ukungeniswa kokulunga okuphakade sekufikile, uSathane usenamatheliswe ngophawu kwalasha, nokwazi kweNkosi kuyosibekela umhlaba njengamanzi asibekela ulwandle. Amen! Udumo kuNkulunkulu! Kuyeza, mfowethu, kuyeza! Abesifazane bazoba amanenekazi, nabesilisa bazoba abanumzane abahloniphekile. Amen!

> Lapho ulwazi lweNkosi luyogcwalisa umhlaba nolwandle nesibhakabhaka;
> Futhi, o, inhliziyo yami iyabubula, ikhalela lolosuku lokukhululwa okumnandi,
> Lapho uJesu wethu eyobuyela khona emhlabeni futhi.

102 Amen! Kulungile. Manje, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane ngaleyonkathi sesiqalile-ke. Kulapho-ke lapho isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, lapho uMuzi usuzokwakhiwa. Okwesine . . . Ngiseneminye imiBhalo ethi ayibe yisithupha, kodwa sizosheshisa. Manje, lapho sesibuya, ngizocosha lena eminye imiBhalo; kodwa nje ukunitholela umqondo nje.

103 Okwesihlanu. "Ukunamathelisa ngophawu umbono nesiprofetho." Niyabo, leyoNgelosi ifikela ukuzonamathisela umbono nesiprofetho.

Ngi—ngiyakuzonda ukusho lokhu. Kodwa, umbhali othize omkhulu, engangifunda ngaye ngelinye ilanga, ukuba wayengakuxovile lokho! Wathi, "Okwakuyikho . . . "

Manje, ukukhombisa nje ukuthi kungubuthutha kanjani . . . O, ngiyaxolisa, angiqondile ukusho lokho. Ngithethele. Angiqonde khona lokho, impela bengingaqonde khona. Qhabo. I—i—indoda engenalo ugcobo, niyabo.

Indoda yathi, "Niyabo lapha ukuthi imibono nesiprofetho njalo kwakuvunyelwe ebandleni lamaJuda." Futhi wathi, "Kusukela esikhathini sikaDaniyeli kuqhubeke, ngenkathi uDaniyeli efika, kwakuchaza ukuthi babengeke besaba nawo umbono noma bangabe besabanaso isiprofetho." Wathi, "Zonke lezizinto namhlanje abakhuluma ngazo, ngokuba nemibono nesiprofetho, konke kwakuyinto kadeveli," ukuthi, "yayingekho into okuthiwa yimibono nesiprofetho."

Mfowethu, kwakukhona amadazini abaprofethi emva kukaDaniyeli. Futhi kwakukhona uJohane umBhaphathizi. Kwakukhona uJesu Kristu. Kwakukhona abaprofethi kulolonke iTestamente eLisha. Kwakukhona imibono. Kwakukhona iziNgelosi.

Ingakusho kanjani indoda lokho ezweni na? Kodwa, niyabo, lokho kunenjongo yokuzazisa, ukuzama ukufuqela into ethize ngaleya kubantu, ukukwenza kube yimfundiso yebandla encane, noma yinto encane eyizana, ukuba kube yinto yangempela kubantu. Futhi uma abantu enganawo uMoya oNgcwele, bayokhohliswa yikho.

104 Manje, asingathathi okushiwo ngomunye umuntu. Manje, akukho-mBhalo wokufakazisa lokho. Ngakho ngingakuthatha kanjani lokho na? Awu, asithole ukuthi kuyini ngempela ukunamathelisa ngophawu. Bhekisisani! Ufikela ukuzokwenza lokho, ukunamathelisa ngophawu umbono nesiprofetho.

105 Manje, asiphenye nje khona impela emuva eNcwadini kaDaniyeli, lapho ebesikhona. Ngale eNcwadini kaDaniyeli, sizothola nje ukuthi Yathini. Manje asiphenye kuDaniyeli isahluko se 12. Manje, njengoba sifika kusukela kuDaniyeli 12, manje, singaqala. Futhi sifunde kusukela . . . Uma usuya ekhaya, ngifuna nifunde kusukela evesini 1 kuqhubeke. Asifunde nje kusukela evesini 1, kwehle kuyofika kwele 4.

> *Ngalesosikhathi* uMikayeli uyaku*ma . . . isikhulu esikhulu esiyomela abantwana babantu bakho: . . .*

Manje, lokhu kusesikhathini sokuphela.

> *. . . kuyakuba-yisikhathi sokuhlupheka, esingazange sibe-khona kusukela . . .* i*sizwe . . .*

Lokho kungenkathi umphikukristu, lomgibeli woPhawu lokuQala ephuma khona, lapho esethatha indawo.

> . . . kuze kube-yilesi*sikhathi:* . . .

Hhayi ngesikhathi lapho uTitus ethatha izingange zeJerusalema. Lokho kwakusendaweni eyodwa kuphela. Qaphelani lapho lomphikukristu, lesosikhulu esisazofika, qaphelani lapho sifika.

> . . . *kuze kube* yi*sikhathi: ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke* o*funyanwa belotshiwe encwadini.*

Haleluya! "Abantu bakho," u-Israyeli, "bayolotshwa encwadini."

> *Abaningi abalele othulini lomhlaba bayakuvuka, abanye bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo* nokunengwa *okuphakade.*

106 Kwakungenzeka kanjani lokho ezweni lapho uTitus ethatha izingange zeJerusalema na? Kwakungenzeka kanjani na? Kwakungeke kwenzeke. Niyabo, ukhuluma ngesikhathi sokuphela, ekuvukeni. Kunjalo na? Manje:

> *Abahlakaniphileyo bayakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka; nabaphendulela* baxoshe . . . *abaphendulela abaningi ekulungeni* . . . *ngezinkanyezi kuze kube-phakade* . . .

Lalelani! Nakhu, okwangempela, ukunamathelisa ngophawu kweqiniso.

> *Kepha wena, O Daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi, kuze kube sesikhathini sokugcina:* . . .

107 Kuyini na? O, haleluya! Niyakubona, klasi na? Lesisambulo sikaJesu Kristu, nesaMandla aKhe, sokuFika kwaKhe, kwesikhathi sokuphela, sanamatheliswa ngophawu kwaze kwaba yilesisikhathi. Yilokho Afikela ukukwenza. Kufihliwe kwizifundiswa ezinkulu; akumangalisi zifuna ukusebenzisa, "ukukunamathelisa ngophawu," emuva ngaleya, ekutheni "akukhobaprofethi," nakho konke emuva le. Ngeke kuwababambe amanzi. Kodwa umbono, lombono, ubunamathelisiwe ngophawu kwaze kwabakhona lapha manje. Futhi kulapho engibeka khona ukukholwa kwami, ukuthi uNkulunkulu uzowembula lawomasonto angamashumi ayisikhombisa. Amen! "Kunamathelise ngophawu" Wathi, "kuze kube sesikhathini sokuphela. Vala amaZwi bese unamathelise ngophawu iNcwadi ngophawu kuze kube sesikhathini sokuphela."

108 Wenzani na? Ukunamathelisa ngophawu umbono nesiprofetho! UDaniyeli wayeziprofethile lezizinto. Wayekubonile embonweni, neNgelosi yehla ukuba inamathelise ngophawu umbono, nokunamathelisa ngophawu isiprofetho. Bangakufunda, kodwa bangeke bakuqonde, kuze kube

sesikhathini sokuphela. Isikhathi sokuphela, yini isikhathi sokuphela na? Ukuphela kwesonto lamashumi ayisikhombisa, lapho lombusi, umphikukristu, ezokwembulwa khona, ngalesisikhathi, ezenza uNkulunkulu. Sazi ngani ukuthi lokhu kunamathelisiwe ngophawu kuze kube sesikhathini na? UDaniyeli wayesanda kuqeda nje; lesi yisahluko sokugcina sika Daniyeli.

109 UDadewethu Simpson ungitshelile kulentambama, uthe, "Mfowethu Branham, ngiyifunde yonke iNcwadi kaDaniyeli. A—angibange ngisazi lutho ngenkathi ngiyeka, sengiqedile, kunoma bengazi ngenkathi ngiqala." Nakhu, Dadewethu Simpson, uma ukhona kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi ngiyambona ehlezi laphaya. Angizange ngisho lutho enqodlaneni edonswa yimoto. Ngithulile, ngoba ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizongena kukho.

Kodwa, umbono uDaniyeli awubonayo, ezansi lapho ngasemfuleni, wanamatheliswa ngophawu, "kuze kube sesikhathini sokuphela." Ku. . . Ake ngiqhubeke nje ngikufunde lapha. Niyabo?

> *Kepha wena, O Daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi, kuze kube-sesikhathini soku*gcina: *abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube-kuningi.*
>
> Ngase *ngibona mina-Daniyeli, futhi, bheka, kwakumi . . . ababili, . . . omunye ohlangothini* olulodwa . . . *lomfula, no*munye ngakolunye *ogwini lomfula ngapesheya.*
>
> *Omunye wathi kumuntu owembethe i—ilineni, owayephezu kwamanzi omfula, Kuyakuba-nini ukuphela kwalezizimangaliso na?*

Manje lalelani.

> *Ngezwa umuntu owembethe ilineni, owayephezu kwamanzi omfula, waphakamisela isandla sakhe sokunene nesandla sakhe sokhohlo ezulwini, wamfunga* ophila *kuze kube-phakade* naphakade *ukuthi kuyakuba ngokwesikhathi,* isikhathi, *nengxenye ye*sikhathi; . . .

Manje, sithola kahle—kahle impela, "Isikhathi, isikhathi, nengxenye yesikhathi." Manje qaphelani uma singena emasontweni angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli, ukuthi lokho kuphuma kanjani. Lokho kungalenkathi imfihlakalo isizokwembulwa. Kulungile. "Isikhathi, isikhathi, nengxenye yesikhathi."

> . . . *nalapho ese* . . . *("lowo,"* isabizwana somuntu manje, umphikukristu) . . . eseqed- . . . *qedile qedile ukuphohloza amandla abantu abangcwele,* (lokho kulapho esephula isivumelwano sakhe phakathi nesonto), *zonke lezizinto ziyaku*gcwaliseka. (Amen.)

*Ngakuzwa, kepha angiqondanga: besengithi, O . . . Nkosi, kuyakuba-yini ukuphela kwalokhu na?*

*Wathi, Hamba endleleni* yakho, *Daniyeli: ngokuba amazwi avalelwe anamathelisiwe* kuze kube-*sesikhathini soku* . . . [Ibandla lithi, "*Gcina*."—Umh.]

O, ningakukhohlwa lokho!

. . . kuze *kube-sesikhathini sokugcina*.

*Abaningi bayakuhlanzwa, benziwe mhlophe, balingwe; kodwa ababi bayakwenza kabi: kodwa akayikuqonda noyedwa omubi; nokho abahlakaniphileyo bayakuqonda*.

110 UMlayezo wesikhathi sokugcina uyakukwembula; unyaka webandla wokugcina. Udumo! Whewu! Nakho lapho okhona! O, he! Kuyangishukumisa, ukucabanga ngakho, imfihlakalo! Izinto ibandla lezwe elizicwayizelela amehlo abo, futhi lithi, "Umbhedo." Imfihlakalo yokuthi uJesu Kristu wayenguBani; hhayi uMuntu wesithathu, hhayi uMuntu wesibili, hhayi uMuntu wesithathu, kodwa yena *u*Muntu kaNkulunkulu. Zonke lezi ezinye izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyokwembulwa, ngoba kubhalwe lapha kuleNcwadi, futhi kwembulwe esizukulwaneni sesikhathi sokuphela. Bangeke besakubona emakolishi ezenkolo, nasezikoleni, nasemahlelweni, bese-ke amaJuda ekwazi ukubona uJesu enguMesiya. Akumangalisi bezama ukucabanga ukuthi niyahlanya. Akumangalisi becabanga ukuthi niyiziwula. Akumangalisi bengaqondi ukuthi yingani ningakukuzi nabo. Ngoba, kukhona aMandla nombono emva kwakho, iZwi likaNkulunkulu elembuliwe, ukubeka iBandla ohlelweni loHlwitho nokuya eKhaya. Yebo. "Abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube-kuningi." Impela.

111 Manje, yini enye into engenziwa yaziwe na? Bukani namhlanje, emabandleni. Nakhu. Ngethemba ukuthi akulimazi, kodwa ngifanele ngikusho. Ngenze . . .

112 Ngalolosuku kuzovuka umphikukristu.

113 Manje, khumbulani, lapho singena eziMpawini, lowomphikukristu ugibela aphume ngaphezu kwalezoziMpawu. UDaniyeli wakhuluma ngakho lapha, "Umbusi oyofika." Uyonqunywa, uJesu uyonqunywa, ukwenza ukubuyisana kwabantu. Kodwa, "Lowombusi oyosukuma, oyokwenza isinengiso sichitheke," leyo kwakuyiRoma, ngoTitus. Futhi ngalesisikhathi, ngumbusi ophuma eRoma, uzokwenza. Futhi uzokwembulwa osukwini lokugcina, manje lalelani, "ezenza uNkulunkulu," njengoba uMoya oNgcwele usexwayisa kwabaseThesalonika besiBili, esesi 2.

Asiye kuso nje, abaseThesalonika besiBili, khona-ke ngeke ube-nezwi lami ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu.

AbaseThesalonika besiBili, isahluko se 2 nevesi 12. Asibone. AbaseThesalonika besiBili, isahluko se 2 nevesi se 12. Asibone. Asiqale ngenhla kwalokho, ivesi le 7.

> *Ngokuba imfihlakalo yokonakala isiyasebenza:. . .*

(NguPawulu lona okhulumayo, ngoMoya oNgcwele.) . . .

> *kuphela—kuphela ukuze kudediswe* yena, *obambezelayo manje.*

Ubani u "Yena" lapha na? Ngabe ukhona owaziyo na? UMoya oNgcwele, "Yena obambezelayo."

> *Lapho-ke* (ngenkathi) *uzakwambulwa lowo oMubi, . . .*

Nini na? Ngesikhathi nje lapho uMoya oNgcwele esekhishwa, olungiselela ukusuka khona manje. Usukelani na? Ethatha iBandla Ahambe nalo. "Kwambulwa!" Kukhuluma uPawulu, phansi kokuphefumulelwa.

> *. . .eyakumqeda iNkosi ngomoya womlomo wayo, imchithe ngokubonakala kokufika kwayo:* (omubi, kusobala)

> *Lowo, okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla nezibonakaliso nezimangaliso zamanga,*

"Siyibandla elikhulu kunawo onke. Sina*lokhu*. Sina*lokhu*. Nonke qinani ndawonye," niyabo. "Sibakhulu kunabo onke." Izimangaliso zamanga!

> *Nangayo yonke. . .yokungalungi kwababhubhayo; ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe.*

> *Ngalokho-ke uNkulunkulu* ubathumelele *amandla* okuduka, *baze bakholwe amanga bakholwe amanga:*

> Futhi *ukuba. . .abangakholwanga yiqiniso,* u*namela ukungalungi balahlwe.*

114 Niyakuthola na? O, he! Manje, kukhuluma uPawulu. Isikhathi lapho uPhawu lukaNkulunkulu lwaziswa khona, uMoya waKhe, iGama laKhe, umusa waKhe, zonke lezi ezinye izimfihlakalo ezinkulu ephumayo manje, amasu eBandla laKhe ukuba liyongena ekuHlwithweni; ukuthululwa kukaMoya oNgcwele kwenze lokhu. Yilokho Akwenzile ngezinsuku zokugcina.

115 Manje, ake sibone. Sinaso isikhathi salena yokugcina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Eyesithupha, "Ukugcoba okuNgcwele kokuyingcwele." O, he! Nakhu okukodwa! Into yokugcina Azoyenza, ngukwenzani na? Manje, asibuyele emuva nje kuDaniyeli, sithole ukuthi kuyini konke Azokwenza khona lapha. "Amasonto angamashumi ayisikhombisa." Yini ezoqedwa ngalesisikhathi na? Kulungile.

*. . . anqunyelwe abantu bakho no . . . umuzi wakho ongcwele, ukuqeda* iziphambeko (iziphambeko zabantu), *. . . ukukhawula* isono (sabantu), *nokwenza* ukubuyisana *ngobubi* babo*, nokungenisa ukulunga okuphakade* (kwamaJuda), *nokunamathelisa umbono nesiprofetho* (kuze kube-sesikhathini sokugcina), *nokugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.*

Leso yisizathu esikasithupha sokufika kwaKhe.

116 Manje, "ukugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele." Manje, lokhu kungathi ukuxaka kancanyana umzuzu nje, kwabaningi benu bafundisi, kodwa manje kubambeni umzuzu nje, nibone nje ukuthi kuphuma kanjani.

117 Lokhu kungukugcoba, okungesikho okomuntu. UJesu usevele ugcotshiwe. Kunjalo na? INcwadi yeZenzo yathi uNkulunkulu wagcoba uJesu ngoMoya oNgcwele; Wahamba enza umusa, ephulukisa abagulayo, nokunye nokunye. UJesu unjalo, usevele. UnguMesiya. Futhi ukuthi *Mesiya* kuchaza "Ogcotshiweyo." Kunjalo na? Kodwa lapha esikhathini sokuphela, Uzogcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.

118 Yini "okuyiNgcwele kokuyingcwele na"? Ngendlela yami engikubona ngayo, engikholwa ukuthi ngingakufakazisa ngomBhalo, kungukugcoba "okuyiNgcwele kokuyingcwele," okuzoba yiTabernakele eliyosetshenziswa ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Manje lalelani, nibone ukuthi kungani ngikuthola. Kuchazwe kuHezekeli, i—isahluko se 4, i . . . Qhabo, ngiqonde isahluko sama 43, ivesi 1 nele 6. Asibuyele emuva kuHezekeli futhi sithole ukuthi ubeka isithombe esinjani esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ukuthi bazoyigcoba kanjani i . . . Hezekeli 43, futhi asifunde nje kancanyana lapha manje futhi sibone ukuthi Uzokwenzani kulesisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, ukugcoba. KuHezekeli 43, kulungile, futhi manje asiqale ngelo 1, kuya evesini le 6. Ningayifunda yonke into emva kokuba senifike ekhaya, kusobala, nina enikubhala phansi, uHezekeli 43. "Kamuva . . . "

119 Manje, qaphelani, ukuchazwa kweThempeli elizokwakhiwa esikhathini esiyiminyaka eyiNkulungwane. Manje, noma ubani, noma yimuphi umfundi owaziyo, ukuthi kusukela kuHezekeli isahluko sama 40, kuze kube cishe sesahlukweni sama 44, akusilutho ezweni ngaphandle kokuthi yiThempeli lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane lakhiwa emhlabeni, (noma ubani uyakwazi lokho, niyabo), lapho inkazimulo yeNkosi iligcwalisa, nokunye nokunye okunjalo. Manje si . . . zochaza nje iThempeli esahlukweni sama 43, nevesi 1 kuya kwele 6.

*Emva kokungiyisa esangweni, isango* elalibheke *ngasempumalanga:*

*Futhi, bheka, inkazimulo ka . . . Nkulunkulu ka-Israyeli yavela ngasempumalanga: nomsindo*

wawu*njenge*phimbo *lamanzi amaningi: umhlaba wakhanya ngenkazimulo.*

*Kwaba-njengesimo sombono engawubonayo, yebo njengombono engawubona lapho ngeza ukuwuchitha umuzi:* umbono wawu*njengombono engawubona ngasemfuleni iKhebari; ngawa ngobuso bami.*

*Inkazimulo yeNKOSI—inkazimulo yeNKOSI yangena endlini ngendlela yesango ebheke ngasempumalanga.*

*UMoya wangiphakamisa, wangingenisa egcekeni elingaphakathi; futhi, bheka, inkazimulo yeNKOSI yayigcwalisa indlu.*

*Ngase ngizwa o*khuluma *kimi ephakathi kwendlu; kwakumi umuntu eceleni kwami.*

120 Ukugcoba, kugcoba leloThempeli ekubuseni isikhathi esiyiminyaka eyiNkulungwane. Manje qaphelani kuLevitikusi. Manje bhekisisa ukuthi lanikelwa kwanjani kuLevitikusi. Manje, uma sibuyela kuLevitikusi, sithola ukuthi uMose wagcoba ithempeli. Ake sibuyele emuva nje sisekukho. Sinalesosikhathi esingako. Futhi asibuyele kuLevitikusi futhi sithole ngenkathi uMose egcoba ithempeli, kuLevitikusi isahluko se 8.

121 O, ngiyakuthanda nje ukuqhathanisa lemiBhalo ngemiBhalo. Anikuthandi na? Khona-ke u—nje usunawo u—u—umqondo wokuthi—wokuthi sifunani nokuthi senzani. Manje, noma yimuphi wenu uyaqonda ukuthi nje sisebenzisa umBhalo manje futhi ngaleyonkathi, kukho.

122 Manje, isahluko se 8 sikaLevitikusi, futhi ngimake phansi lapha, ivesi le 10. Qaphelani uLevitikusi 8:10. Asibone.

*UMose wathatha amafutha okugcoba,* wase ethela amafutha okugcoba, *waligcoba itabernakele nakho konke okuphakathi kwalo, wakungcwelisa.*

*Futhi*. . .*wafafaza ngawo i-altare kasikhombisa,* . . . *waligcoba i-altare kanye nezitsha zonke, zalo nomcengezi nesinqe sawo, u* i. . .*ukuba kungcweliswe.*

*Wathela*. . .*amafutha okugcoba ekhanda lika-Aroni, wamgcoba, ukuba angcweliswe.*

123 UMose, ehlane, engcwelisa, noma egcoba itabernakele lokukhonzela, labantwana bakwa-Israyeli lapho besohambweni lwabo. Lagcotshwa.

124 Manje, kwiziKronike zesiBili, phenyani, futhi sizobona ukunikelwa ukuthi ngenkathi uMoya oNgcwele uthatha isihlalo saWo sobukhosi etabernakele, futhi uqaphele ukuthi sekwenzekeni manje. KwiziKronike zesiBili isahluko se 5, futhi asiqale evesini 13. IziKronike zesiBili isahluko se 5, futhi siqale evesini 13.

> Futhi *kwa . . . thi, lapho* amacilongo *nabahlabeleli be . . . ukuzwakalisa . . . lokudumisa no*kubonga *iNKOSI; nalapho bephakamisa* amazwi *abo nge*cilongo *namasimbali nezinto zokubethwa,* bedumisa *iNKOSI, behlabelela, Ngokuba muhle;* na*ngokuba* umusa *wakhe umi phakade: khona indlu yagcwaliswa yifu, yona lendlu yeNKOSI;*
>
> *Baze* bama *abapristi . . . bangema abapristi ukukhonza ngenxa yefu: ngokuba inkazimulo yeNKOSI yagcwalisa indlu kaNkulunkulu.*

125 UNkulunkulu wangena endlini engcwele eyayizogcotshwa, futhi yanikezwa Yena ukuba abantu beze ukuzokhonza. Ngakho, ukugcoba, hhayi indawo "yakho engcwele," kodwa ukugcoba indawo "eyiNgcwele kokuyingcwele." Futhi siyaqaphela, ukuthi, iJerusalema eLisha liyindawo "eyiNgcwele kokuyingcwele." Nokugcoba kuzoba phezu kweJerusalema eLisha elehla kuNkulunkulu livela eZulwini, lilungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe. Ukugcoba kuzoba phezu kwabo.

126 Manje, ngenkathi uZerubabele enikela ithempeli lakhe, emva kokuba seliphinde lakhiwa, alibange lisagcotshwa futhi, ngoba lase livele ligcotshiwe; futhi kade lidilizelwe phansi, futhi nje laphinde laqondiswa. Incithakalo eyayifike kulo. Laliphinde laqondiswa futhi lamiswa, ngakho kwakungasekho okunye ukugcotshwa kwalo. Lapho lake lagcotshwa, lokho kwaqhubeka njalo, futhi kuyaqhubeka kuze kube yiso lesisikhathi. Kodwa nxa uNkulunkulu emisa iTabernakele lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, Uzogcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele; hhayi "okuyingcwele kwakho," kodwa "okuyiNgcwele kokuyingcwele."

127 Kodwa lapho iNkosi isithatha isiHlalo saYo sobukhosi iminyaka eyinkulungwane, (Udumo!) seliphelile manje. Ukugcotshwa kokuyiNgcwele kokuyingcwele kuzoba yinto yokugcina eyenzekayo. Lapho iTabernakele selakhiwe; ukuvuka sekufikile; amaJuda esebuyile; uKristu noMlobokazi waKhe esefikile; iJuda, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane isibekwe uphawu; isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesenzekile. Kuzobakhona ukugcoba lapho indawo eyiNgcwele kokuyingcwele izogcotshwa; engcwele, indawo eNgcwele ngcwele, nokuyiNgcwele kokuyingcwele. Lapho, indawo eyiNgcwele kokuyingcwele iyindlu engcwele lapho uNkulunkulu ayehlala khona, phakathi kwamaKherubi. Futhi, ngalesisikhathi, uKristu uzohlala endaweni eyiNgcwele kokuyingcwele, nokugcoba kuphezu kwaKhe. Futhi abayikudinga-langa lapho, ngokuba iWundlu phakathi noMuzi liyakuba ngukuKhanya. Ilanga alisoze lashona kulowoMuzi, njengoba uMalume uJim omdala wayevamise ukusho. Futhi alisoze, ngoba uKristu uzoba yilokho kuKhanya, Ogcotshiweyo.

NeNkosi izofika futhi ithathe isiHlalo saYo sobukhosi iminyaka eyinkulungwane, ukuba ibuse.

128 UJeremiya 3:12-18, nalo, asilifunde. Ngale kuJeremiya isahluko se 18, ngiyakholwa. Ya. Qhabo, isahluko se 12, uxolo, isahluko se 12 sikaJeremiya, futhi asiqale nge—nge. . . Jeremiya 3, uxolo. UJeremiya 3, nginaye—nginaye ubhalwe phansi lapha, lapho, ngisafundisisa, uMoya oNgcwele ungiyisa ngapha nangapha, ngivele ngawabhalabhala phansi lawa ngakho konke ukwazi kwami. UJeremiya 3, bese kuba ele 12 nele 18, nalo. Asilifunde.

> *Hamba umemezele lawamazwi* ngase*nyakatho, uthi, Buya, wena-Israyeli* ohlubukileyo, *isho iNkosi; angiyikubangela* okwami—kwami . . . *ngiyikukuthukuthelela: ngokuba nginomusa, isho iNkosi, angiyikugcina intukuthelo kuze kubephakade.*
>
> *Yazi kuphela ububi bakho, ukuthi uphambukile eNkosini uNkulunkulu wakho, wazihlakaza izindlela zakho kubo bonke owezizwe phansi kwayo yonke imithi eluhlaza, . . .*

Yilokho abakwenzile, ukusuka empumalanga, entshonalanga, zonke izizwe. Niyabo?

> . . . *anililalelanga* izwi, *izwi lami, isho iNkosi.*

"Buyani!" Lalelani kulokhu.

> *Buyani, O bantwana* abahlubukileyo, *isho iNkosi; ngokuba ngingu (m-y-e- -i) . . . ngingumyeni wenu: . . .*

"Amehlo abo ayephuphuthekile, ngoba nginika abeZizwe ithuba. Kodwa, buyani, ngokuba ngingumyeni wenu."

> . . . *nginithabathe abe-munye emzini, babe-babili emndenini, . . .*

Akusiwo wonke ozibiza ngamaJuda oyongena. Kodwa leloqembu elikhethiwe lizongena, lowoBenjamini omncane okhuphuka ezansi lapho phambi kukaJosefa, leloqembu elivela ezizweni zonke, kuphume ngamunye emzini, aphume emndenini.

> . . . *nginiyise eSiyoni:*
>
> *Ngininike* umelusi *ngokwenhliziyo yakho, oyakunalusa ngokwazi nangokuqonda.*
>
> *Kuyakuthi, lapho nanda nichume ezweni, ngalezozinsuku, isho iNkosi, bangasayikusho ukuthi, U—umphongolo wesivumelwano seNkosi: awuyikungena engqondweni: abayikuwukhumbula; a—abayikweswela; akusayikwenziwa omusha.*
>
> *Ngalolosuku bayakulibiza iJerusalema ngokuthi isihlalo sobukhosi seNkosi;* (njengoba Izoba lapho, niyabo), isizwe *zonke* ziyakubuthana (haleluya)

*kulo,* ne*gama leNkosi, eJerusalema: azisayikuhamba ngo*kucabanga *kwenhliziyo* yazo *embi.*

129 Lokho kungenkathi lapho uMuzi uzobe usugcotshwa khona. Lokho kungenkathi lapho iJerusalema eLisha lizobe seligcotshwa khona. Nazo zonke izizwe zoMuzi . . . Ngale eSambulweni isahluko sama 22, kwathi amasango awayikuvalwa ebusuku, ngoba ubusuku abusayikuba-khona lapho. Nawo onke amakhosi omhlaba ayoletha ubukhosi nodumo lwawo kuloMuzi. Izingange zawo ziyoba yitshe lejaspi nesardiyu, izinhlobo eziyishumi nambili zamatshe; namasango ayishumi nambili ayoba yiparele eliqinile elilodwa, esangweni ngalinye. Akuyikuba-khona sidingo sekhandlela phakathi lapho. Ukukhanya kwelanga ngeke kusaba-khona, ngokuba iWundlu eliphakathi noMuzi liyakuba ngukuKhanya. Futhi Liyakuhola abantu baLo bangene ekuPhileni okuphakade. Kuzobakhona imithi emibili emileyo, omunye ngapha komfula, futhi ingeyokuphilisa isizwe. Lowo yiLowo ogcotshiweyo ozofika, uMuzi oNgcwele wehla kuNkulunkulu uvela eZulwini, uza emhlabeni.

130 Asithathe manje okuzokwenzeka ngalesosikhathi. O, niyakuthanda na? Asiphenye ku-Isaya 65, umzuzu nje. Nje kuhle kakhulu ukuthi singakweqa. Nje kuhle kakhulu ukuthi singashiya. Kungahle kushise kancane, kodwa asilokhu siqhubeka nje.

131 U-Isaya 65, lalelani ukuthi kuzokwenzekani ngalesosikhathi. Futhi nje zibuze wena, mngane oyisoni, uma u—uma ungahle ukwazi ukugeja lokhu. U-Isaya 65, asiqale cishe ngevesi le 17. Lalelani, wonke umuntu, eduze manje. Lokhu kungesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, lapho okuyiNgcwele kokuyingcwele sekugcotshiwe.

> *Ngokuba, bheka, ngiyodala amazulu amasha no . . . mhlaba omusha: izinto zakuqala aziyikukhunjulwa, zingene enhliziyweni.*
>
> *Kepha . . . jabulani nethabe . . .* ngisho *ngengikudalayo: ngokuba, bheka, ngilidala iJerusalema . . . ngilidala iJerusalema,* (lelo yiJerusalema eLisha), *libe* ukujabula, *nabantu balo babe-yinjabulo.*

Yini ukugcoba na? Injabulo yeNkosi.

> *. . . dala iJerusalama libe yi*njabulo, *nabantu balo babe-yinjabulo. Ngiyakwethaba ngeJerusalema . . .*

INkosi esiHlaweni sobukhosi, kwesomkhulu wobukhosi besiHlalo sobukhosi, isiHlalo sobukhosi saPhakade, nabantu baPhakade benenjabulo yaPhakade eMzini waPhakade! O, he!

> *Ngiyakwethaba ngeJerusalema, ngijabule ngabantu bami: kungabe kusezwakala izwi lokulila, nezwi lokukhala kulona.*

*Kusukela lapho akusayikuba-khona...ingane yezinsuku nje, nexhegu* e*lingazi*gcwalisanga *izinsuku zalo: ngokuba omusha uyakufa eneminyaka eyikhulu yobudala; isoni siqalekiswe sineminyaka eyikhulu.*

*Bayakwakha izindlu, bahlale kuzo;...bayakutshala izivini,* bayakud*la izithelo zazo.*

*Abayikwakha, kuhlale omunye;* (okungukuthi, uyafa bese indodana yakho ithatha indawo yakho) ... *kwakha, kuhlale* omunye*; abayikutshala, kudle omunye* kukho: *ngokuba izinsuku zabantu bami* ziyokuba *njengezinsuku zomuthi, abakhethiweyo* bami *bayowuthokozela* isikhathi eside imisebenzi *wezandla zabo.*

*Abayikusebenzela ize, baveze inhlupheko; ngokuba bayinzalo yababusisiweyo beN*KOSI*, na*bantwana *babo bayakuba-nabo.*

*Kuyakuthi,...bengakangibizi, mina ngiphendule;...* (Lokho kugcoba okuyinkazimulo, okuphakathi ngemuva kwamaKherubi!) ...ngi*phendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa.*

*Impisi iyakudla ndawonye newundlu,...ingonyama idle utshani njengenkabi:* u*thuli lube-ngukudla kwenyoka. Futhi aziyikulimaza zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, isho iN*KOSI. (Ningakugeja na? Qhabo!)

132 Kudluthula kubuyele lapha ngqo futhi, no-Isaya ekhuluma futhi, esahlukweni se 11, ivesi 1 kuya kwele 9. Lalelani ukuthi uthini lapha futhi, uma ebamba umbono, emva kokuthi ebona abesifazane, indlela abayobe benza ngayo ezinsukwini zokugcina. Ni-...Awu, u-Isaya 11, kuya kwelo 1.

*Kuyakuvela intonga esiqwini sikaJese,...iGatsha* e*liyakumila ezimpandeni zakhe:* (Kwakungubani lowo na? UKristu.)...*ezimpandeni zakhe:*

*NoMoya weN*KOSI *uyakuhlala phezu kwakhe, umoya wokuhlakanipha, nowokuqonda, umoya wamasu... amandla, umoya wokwazi no...ukuyesaba iN*KOSI*;*

*Amenze esabe masinyane iN*KOSI*: akayikwahlulela ngamehlo akhe, angabe esa...ngokuzwa kwezindlebe zakhe:*

*Kepha uyakwahlulela abampofu ngokulunga, anqume* ububi babo *abathobileyo bomhlaba: awushaye umhlaba ngentonga yomlomo wakhe, abulale ababi ngokuphefumula kwezindebe zakhe.*

*Abalungileyo kuyakuba ngukuboshwa ngebhande okhalweni, nabathembekile ukuzibopha kwamanyonga abo.*

Ne*mpisi iyakuhlala newundlu, ingwe ibuthise ndawonye nezinyane lembuzi* (leyo yimbuzi); *ithole nebhongo lengonyama kukhuluphaliswe*. . .noma ithole, noma i*ngonyama kukhuluphaliswe ndawonye; nomntwana omncane uyakuzihola.*

*. . .inkomazi nebhere kuyakuklaba;. . .amazinyane azo* (futhi) *abuthise ndawonye: ingonyama idle utshani njengenkabi.*

*Umntwana oncelayo uyakudlala* phezu *komgodi webululu, nolunyuliweyo elulele isandla sakhe emgodini wenyoka.*

Aziyukulimaza noma *zingachithi* ezintabeni *yonke yami engcwele: ngokuba umhlaba uyakugcwala ukwazi. . .nje*ngamanzi asibekela *ulwandle.*

Whewu! Lokho kukulelo Jerusalema eLisha. Lelo e "lisha." I*Gatsha,* lapha, likhomba e, eGatsheni likaDavide. "Uyikho kokubili iGatsha neNzalo."

133 Manje, emva kwalokhu, uMlobokazi uyaqhamuka. Emva kwamasonto angamashumi ayisikhombisa, uMlobokazi uqhamuka eSambulweni isahluko se 19, ivesi 1 ne 16. Ufika noMyeni waKhe, iNkosi enamandla. O, he! Angazi noma sizokuthola konke noma qha. Nje sikuthole ku . . .

Awu, asifunde nje ingxenye yalokhu, empeleni. Nakhu lapho uMlobokazi ezofika khona, emva kwalokhu. Niyabo? Emva kokungena kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, khona-ke uKristu ubuya noMlobokazi. Kunjalo, 1 kuya kwele 16, nesahluko se 19.

*Emva kwalokhu . . .*

Emva kwalokhu ukuHlupheka; emva koMaye; emva kweziMpawu; emva kweziNhlupho; emva kokuphoswa kukaSathane; emva kokumiswa kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Qaphelani!

*. . .emva kwalokhu ngezwa kungathi i. . .izwi lesixuku esikhulu ezulwini, lithi, Haleluya; Insindiso, nenkazimulo,. . .udumo,. . .amandla, ngokweNkosi uNkulunkulu wethu:*

*Ngokuba ziqinisile zilungile* isahlulelo sakho*: ngokuba ulahlile isifebe esikhulu, esonakalisa umhlaba ngo*bufebe *baso, uliphindisele igazi lezinceku zakhe esandleni saso.*

*Futhi* wa*. . .ba. . .Bathi ngokwesibili, Haleluya. Nomusi waso wenyuka kuze kube-phakade naphakade.*

Lelo yibandla eliyisifebe esidala, "umusi waso wenyuka."

*Ayesewa phansi amalunga angamashumi amabili nane kanye nezidalwa ezine akhuleka kuNkulunkulu*

> *ohlezi* phezu *kwesihlalo sobukhosi, athi, Amen;* Haleluya.
>
> *Kwase kuphuma* i*zwi esihlalweni sobukhosi, lithi, Dumisani uNkulunkulu wethu—Dumisani uNkulunkulu wethu, nonke nina-zinceku zakhe, nina enimesabayo, abancane nabakhulu.*
>
> *Ngase ngizwa kungathi* kwaku*yizwi lesixuku esikhulu,* . . .

Lalelani! Nakhu la okhona, Bandla. Emva kokuba Laselenyuke esahlukweni se 3, nanti Lifika. Niyabo? Futhi manje ivesi le 6.

> *Ngase ngizwa kungathi izwi lesixuku esikhulu, linjengezwi lamanzi amaningi, nezwi loku*duma *okunamandla, lithi, Haleluya: ngokuba iNkosi uNkulunkulu wethu umninimandla onke iyabusa.*

Haleluya! Qaphelani! Umshado weWundlu uyafika manje. Nangu Efika.

> *Masithokoze sethabe, futhi masimnike inkazimulo: ngokuba umshado weWundlu ufikile, nomkalo uzilungiselele.* (Nangu Efika, bobabili, uMlobokazi noMyeni.)
>
> *Futhi wanikwa ukuba embathe ilineni elicolekileyo nelikhazimulayo, elihlanzekileyo nelimhlophe: ngokuba ilineni elicolekileyo li* . . . *yizenzo ezilungileyo zabangcwele.*
>
> *Yayi*sithi *kimi, Loba ukuthi, Babusisiwe abamenyelwe* esidlweni *somshado weWundlu. Yayisithi kimi, Lawa a* . . . *ngamazwi aqinisileyo kaNkulunkulu.*
>
> *Ngase ngiwa* phansi *phambi kwezinyawo ukukhuleka kuyo. Yayisithi kimi, Musa: Ngiyinceku kanye nawe,* . . . *abazalwane bakho* nabaphethe . . . *abazalwane bakho* nab*aphethe ubufakazi bukaJesu: khuleka kuNkulunkulu: ngokuba ubufakazi* (bukaKristu) *bukaJesu bungumoya wokuprofetha.*
>
> *Ngase ngibona izulu livulekile,* . . . *ihashi elimhlophe;* . . . (o he!) . . . o*hlezi* kulo . . . *obizwa ngokuthi oThembekileyo noQinisileyo,* uya*hlulela* alwe . . . *ngokulunga.*
>
> Futhi *amehlo akhe* lal*injenga*malangabi *omlilo, ne* . . . *ikhanda lakhe* kwaku*kukhona imiqhele eminingi;* . . .

Wathwaliswa umqhele wani na? "INkosi yamakhosi."

> . . . *unegama elilotshiweyo, elal*ingaziwa-*muntu, kepha* . . . *nguyena kuphela.*
>
> *Wembethe ingubo* emhlophe *ecwiliswe egazini: igama lakhe lithiwa nguLizwi kaNkulunkulu.*

"Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu." WayeNgubani na? UJesu.

> *. . . igama lakhe lithiwa ULizwi kaNkulunkulu.*
>
> *Izimpi zasezulwini zamlandela zikhwele amahashi amhlophe, zembethe ilineni elicolekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo.* (Udumo! Nangu Efika.)
>
> *Emlonyeni wakhe* kuphuma *inkemba ebukhali, ukuze . . .* futhi ukuze *ishaye* isizwe: *futhi . . . uyakuzibusa ngentonga yensimbi: yena uqobo uyanyathela isikhamo sewayini lentukuthelo* yolaka *lukaNkulunkulu uMninimandla onke.*
>
> *Unegama lilotshiwe engutsheni yakhe nasethangeni lakhe elithi, INKOSI YE*NKOSI, *NOMBUSI WO*MBUSI.

134 Kwakuyini na? Abantu baKhe babesanda kuMethwesa umqhele wokuba yiNkosi yenkosi, noMbusi wababusi. Ebuyela eThempelini laKhe elingcwele, ligcotshwe ngoBukhona bukaNkulunkulu, ukuhlala nokubusa sonke isikhathi seminyaka eyiNkulungwane neBandla laKhe. Amen! Ukubonakala, neNkosi enamandla, ukuba lithathe indawo yaLo eceleni kwaKhe, iThempeli elisha eligcotshiweyo lobukhosi.

135 Manje inhloso ekasithupha yeSambulo 6:1 kuya eSambulweni 19:21 isigcwalisiwe.

136 Lalelani manje, sengivala. IziMpawu eziyisiKhombisa, amaCilongo ayisiKhombisa, iziTsha eziyisiKhombisa, oMaye abaThathu, owesifazane elangeni, ukuphonswa kukadeveli, noma udrago obomvu, kufika phakathi kwalezizikhathi ngesikhathi esikhulu sokuHlupheka. Ningakukhohlwa. Zonke lezizinto zenzeka ngalesisikhathi.

Kodwa lapha yinhloso ekasithupha yokuFika kwaKhe. Niyakukholwa na? Isikhathi esihle kakhulu kangaka pho esibekiweyo salabo abathanda iNkosi! Ngiyakutshela, mngane, ngeke sakwazi ukukugeja lokho. Ningakugeji lokho, noma ngabe yini eniyenzayo. Qinisekani!

137 Manje, ngeSonto elizayo, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuletha, uma Izongisiza, ukukhombisa impela nje ukuthi zikuphi lezozinsuku eziyisikhombisa ngalunye, lapho zenzeka khona, ngiletha lento efanayo—efanayo engiyenzile namhlanje, futhi ngibeke lezo isikhathi esiyisikhombisa, amasonto ayisikhombisa, amasonto angamashumi ayisikhombisa khona impela endaweni yaleyondawo engcwele yamaJuda, futhi ngikhombise impela nje lapho esiphila khona lapha ekupheleni, iNkosi ithanda.

138 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ningakwazi ukugejwa yiZulu na? ["Qhabo."] Sisesikhathini sokuphela!

Ufikela ukuzokwenzani na? Into yokuqala ezokwenzeka, ngaphambi kokuba uJesu aze afike emhlabeni, kuzoba yini into yokuqala na? IBandla lizo (ini na?) hlwithwa! Ngabe uJesu uzofika emhlabeni futhi ahambahambe ethuneni, futhi axhawulane nobaba nomama, akhulume kithi sonke lapha, bese eyenyuka na? Qhabo!

Kuzoba kanjani na? I. . . Sisho lokhu kini, nge— ngeZwi leNkosi, "Ukuthi thina esisekhona sisasele. . ." KwabaseThesalonika besiBili, isahluko se 5, "Thina esisekhona sisasele kuze kube sekuFikeni kweNkosi, asiyikubavimbela noma sandulele labo abaleleyo. Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyokhala; abafile kuKristu bayovuka kuqala: futhi thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo sihlangabeze iNkosi emoyeni." Siyohlwithwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso. Ngalesosikhathi, lokho kuqeda uNyaka weBandla.

139 Khona-ke, phansi lapha emhlabeni uNkulunkulu uqala ukusebenzana namaJuda. Kuyoba nabaprofethi ababili. Isahluko se 11, sizokucosha lokho. Abaprofethi abagcotshiweyo ababili, njengo-Eliya noMose, engicabanga ukuthi yibo. Futhi bayoletha iziqalekiso ezinkulu, emva kokuba sebebonile ukuthi sebeqinisene, neRoma selephule isivumelwano salo, lowo mbusi.

Phakathi nalelisonto lamashumi ayisikhombisa, liyokwephula isivumelwano neRoma, noma iRoma lizosephula no-Israyeli, futhi lokho kuyobangela isinengiso ukuba siqale ukuhlakazeka. Futhi kuzoba-khona uzamcolo omkhulu, lapho insali yabeZizwe, intombi eleleyo. . . Udrago, iRoma, lakhwifa amanzi emlonyeni walo, ukulwa nensali yenzalo yowesifazane egcina imiyalo kaNkulunkulu. IRoma lizokwenza lokho.

140 Umfelandawonye webandla uzobaqinisa bahlangane ndawonye, futhi ulethe amaJuda angene kulomfelandawonye, bese ubabuyisela ekukhonzeleni ethempelini elingelabo futhi, ku ISHO KANJE INKOSI ophuma eBhayibhelini, futhi bazoba nebandla okungelabo.

141 Ayini manje na? Ngisanda kukubamba manje nje. Kusha. Manje aseyisizwe, ayaziwa. Ingabe kunjalo na? Kodwa awakabinakho ukukhonzela ethempelini namanje. Futhi lapho esemisa ukukhonzela ethempelini, iBandla lizobe selihambile. UNkulunkulu uzobe esesebenzana namaJuda njengesizwe. Bese-kuthi-ke lapho efakwa kulomfelandawonye, iRoma lizowephula phakathi nonyaka wamashumi ayisikhombisa, iminyaka emithathu nengxenye, uyosephula lesosivumelwano nawo, bese kubangela isinengiso esenza incithakalo ukuba yandele ekupheleni. Khona-ke uyothatha kokubili iProtestane, neJuda, futhi abahluphe. Ngalesosikhathi, lababaprofethi ababili bazosukuma baqalekise umhlaba, ukuthi aliyikuna ngezinsuku zesiprofetho sabo. Futhi bayobiza uMlilo wehle

eZulwini, nakho konke okunye. Nina nje lindani. Sinenqwaba ebekwe lapha, ebekelelwe thina, ukuba sifunde.

142 O, UnguNkulunkulu omkhulu kangaka! UBaba onomusa kangaka! Bangane, ake ngisho lokhu, njengomelusi wenu. Aniziqondi izinhlanhla eniphila phansi kwazo. Aniqondi. Kukhona amadoda amakhulu, kukhona abangcwele abaningi, kukhona izinkulungwane zamadoda angcwele afa eminyakeni eyedlula, amadoda ayegcwaliswe ngoMoya ayeyokuthanda ukubona lolusuku eniphila kulo. Wena nami asizisize ngalo.

143 Yini enye esinayo esingabuka kuyo na? Yini esingayenza emva kwalokhu na? Siyaphi na? Kuzokwenzekani na? Kufanele kubekhona lapho esiya khona. Ngeke wahlala lapha sonke isikhathi. Ungabusika utshani bakho; ngesonto elizayo budinga ukusikwa futhi; ya, kabili, ngaphambi kwalesosikhathi. Ungabakhulisa abantwana bakho. Ubaphakela idina labo; ngesikhathi sokudla kwakusihlwa sebelambile futhi. Ubaphakele ngokudla kwakusihlwa; sebelambile futhi ngakusasa ekuseni. Ubathengela ipheya lezicathulo; uma benjengabami, cishe ezinyangeni ezimbili noma ezintathu ubathengela elinye ipheya futhi. Ubathengela izingubo zokugqoka kulenyanga; enyangeni noma ezimbili ubathengela izingubo ezintsha. Niyabo? Ayikho into elokhu iqhubekile. Ayikho into emile mbe. Ayikho into engama.

> Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,
> Ebuthuka ngokushesha kangaka,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Azisoze zedlula!
>
> Isikhathi sigcwele ukuguqulwa okusheshayo,
> Lutho olusemhlabeni olungenyakaziswe olungama,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
>
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Lalelani:

> Nxa uhambo lwethu seluphelile, (Uyosazisa lapho seluphelile.)
> Uma kuNkulunkulu besiqotho,
> Ikhaya lethu elihle nelikhazimulayo eNkazimulweni, (LowoMuzi ogcotshiweyo.)
> Umphefumulo wethu owethabile uyolibona!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Ungafisi ingcebo yaleli zwe eyize,
Ebuthuka ngokushesha kangaka,
Nje yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Azisoze zedlula!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Njengoba sikhothamisa ikhanda lethu, uma ungakaze usibambe isandla saKhe, ungeze weza yini ukwenze manje na?

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

144 Ntombazane encane, uyintombazanyana encane, ebukekayo manje. Izinwedlana zakho ziyabukeka, izihlashana zakho zibomvana. Kodwa, uyazi, kuzoba kusasa nje, zize, ziyoshabalala. Sazi kanjani ngaphandle kokuthi ngeviki elizayo izilwanyakazane zizobe zingadli, emhlabathini, lezozihlathi ezibukekayo, ezincane, ezibomvana na?

145 Mfowethu osemusha, uqinile, umkhulu, unemisipha eqinile; ubheke amathemba amakhulu. Kodwa emva kwesikhashana, kusasa nje, lezozinwele ezibukekayo, ezisongene zizomoncuka, futhi lezo onazo ezisele zizoba-mpunga. Lawo amakhulu, amahlombe aqondile azoqhotha, nezilwanyakazane zizohamba ziyodla ezingalweni nasenyameni. Ziyomuka nawe, ungene othulini.

Ngakho, yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Azisoze zedlula!

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela kwesikaNkulunkulu . . .

Ngifuna nelule bese nithola isandla saKhe manje.

Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Kothi nxa loluhambo seluphelile, (Luzophela, ngelinye ilanga.)
Uma kuNkulunkulu ubuqotho,
Ikhaya lakho elihle nelikhazimulayo eNkazimulweni,
Umphefumulo wakho owethabile uzolibona!

Yini ungabambeleli esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

146 Ziningi izinto ezibukwayo engizibonile, cishe impela kusondele eminyakeni engamashumi amathathu-nanye emva kwedeski. Ngibone izinto ezibukwayo ezidabukisayo; ngibone izinto ezibukwayo ezinhle kakhulu. Into ebukwayo edabukisa ukwedlula zonke esengake ngayibona empilweni yami... Kakhulu njengoba ngike ngabona abantwana ababulawa yindlala esitaladini; ngibone omama benxusa ucezu olulodwa lwesinkwa. Into ebukwayo edabukisa ukuzedlula zonke engike ngiyibone, ngukubona umuntu, isidalwa esingumuntu, futhi ebesifanele sibe yindodana kaNkulunkulu, sifa singamazi uNkulunkulu.

147 Ngiyakhumbula owesifazane emi emnyango ngobunye ubusuku, walelisonto, wangihleka. Futhi wathi, "Ngeke ngayivumela inkomazi yami ibe nohlobo lwenkolo anayo!" Kungakapheli nehora, ngabizwa esibhedlela. Owesifazane omuhle, othi akabe neminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, wayekhala kakhulu, "Lethani lowomshumayeli lapha!" WayeyiKatolika, ngokukholwa.

Ngenkathi ngikhuphuka, odade omdala wathi, "Usuleyithi kakhulu, Mfowethu Branham. Ufe cishe emizuzwini emihlanu edlule."

Ngathi, "Ngingambona na?"

Wathi, "Ukukhalele kakhulu, emazwini akhe okugcina, 'Lethani lowomshumayeli, uMfowethu Branham!'"

Umyeni wakhe wayelapho, empongoloza, "Mkhulekele! Khuleka!"

Ngathi, "Sekuleyithi kakhulu manje."

148 Ngehlisa okokwemboza. Wayenamehlo amakhululukazi ansundu. Owesifazane omuhle; amachashazi amancane abusweni bakhe; izinwele ezibomvu sagolide; ekhanga

ngempela. Wayezwe ubuhlungu kakhulu ngangokuthi amachashazi aphumela ngaphandle ebusweni bakhe njengezinduna. Amehlo akhe ayeseqhunsuke aphumela ngaphandle ezingoxeni zawo, kanjalo. Futhi, kusobala, izibilini zakhe nezinso kwase kushintshe iphunga, okuse—e . . . Wonke umuntu uyakwenza lokho lapho befa, imvamisa. Futhi wayelapho-ke, elele ekulesosimo, umlomo wakhe ukhamisile. Nezinkophe zakhe lapha, zazimboze ingxenye ensundu yeso lakhe. Angisoze ngakukhohlwa. Leloculo lifika emqondweni wami.

Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize. (Ubuhle, ukuvunula.)

149 Ngama eceleni kwendoda khona ngapha ePort Fulton, ifa. Bangibizela eceleni kombhede wayo. Futhi ngakhuleka nayo lapha e-altare ngobunye ubusuku. Yagaxa owesifazane. Ngathi, "Susa ingalo yakho kulelonenekazi."

Yathi, "Ngiliholela kuNkulunkulu."

150 Ngathi, "Hhayi ingalo yakho imgaxile." Angikholelwa entweni enjengaleyo. Yangithukuthelela. Yaphuma emnyango igqishazela.

Ngaya kuyo, kamuvanyana, ngenkathi ifa. Yangibuka ebusweni, yathi, "Ungangikhulekeli, Mfowethu Bill. Ngilahlekile. Sengihambile." Yathi, "Konke engake ngakuzuza, sekuhambile."

151 Ngama khona phandle lapha ekhoneni, ibangana elincane ukusuka lapha, ngelinye ilanga, endodeni eyangibizela eceleni kombhede wayo ngenkathi ifa. Yathi, "Njalo ngangifuna *ukuthi-nokuthi*, nokuthi." Yathi, "Kodwa angizange ngiyikhonze iNkosi. Kukaningi ngingayi e-altare." Yathi, "Mfowethu Branham, khulekela ukuthi uNkulunkulu uzovumela intombazane yami encane yenze ukubuyisana ngezinto engizenzile. Mhlawumbe ingayenzela okuthize iNkosi."

152 Ngathi, "Lokho ngeke kwenziwa, mfowethu. Izinto obungazenza sekulahlekile." Mm!

153 Ngama eceleni kwendoda, ngayibona ilwa nodeveli amahora angamashumi amabili-nane. Yathi odeveli wayemi eceleni kombhede wayo enamaketango ezongolozele intamo yabo. Yathi, "Ungabavumeli bangithole!" Imemeza kakhulu; embambe embhedeni. Yathi, "Nangu emile. Awukuboni na? Uza kimi." Yayisukile kuNkulunkulu, isikhathi eside. Yayinezinqolobane ezinkulu zigcwele ifolishi, zigcwele ukolo, amahhashi amahle omjaho. Unyaka ngaphambi kwalokho, yathuka uNkulunkulu ebusweni baKhe, yashaya umkayo ngokuya etabernakele. Niyazi ukuthi kwenzekani na? Umbani washaya inqolobane yayo, futhi wabulala amahashi ayo, washisa ifolishi layo. Nendoda yabulawa wuhlobo oluthize lwelumbo, ilwa nokuxosha odeveli kuyo.

154 Nomngane wami omdala (udumo!) emi ngaleya, ufika ekupheleni komgwaqo. Ngathi, "Usuyahamba, baba na?"

Wathi, "Sekuyikho lokhu, Billy."

Ngathi, "Kunjani na?"

155 Wathi, "Kulunge konke." Wathi, "Yenyusani abantwana bami beze eceleni kombhede." Wabeka izandla zakhe ezintekenteke ezindala phezu kwalowo nalowo wabantwana bakhe wababusisa. Watshela amadodana akhe amabili, wathi, "Lengisani izandla zami, ziphakamiseni, njengoba kwenza uJoshuwa noKalebi." Samangala ukuthi wayezothini. Wathi:

Usuku lwenjabulo, usuku lwenjabulo,
Selokhu uJesu ahlanza izono zami!
Wangifundisa ukuqaphela nokukhuleka,
Nokuhlala ngokuthokoza nsuku zonke.

Sinazo ezalezozinto esifika kuzo, bangane! Akukho-muntu ngaphandle kwalowo ofisa ukudla ukudla okuhle, ashayele imoto enhle, sibe nokwedlula konke esingaba nakho. Angimsoli. Lokho kulungile. UNkulunkulu ufuna ube nalokho, kodwa:

Ungafisi ingcebo yaleli zwe eyize,
Ebuthuka ngokushesha kangaka,
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Azisoze zedlula!

Asiphakamiseni izandla zethu manje sisacula.

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

156 Sisamile, asiphenduke nje bese sixhawulane nomunye manje. Sizoqhubeka, nenkonzo, okwesikhashana nje. Kodwa ngifuna niphenduke sisacula elinye ivesi laleloculo.

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Kwenze, baba! Kwenze, baba! KuNkulunkulu! Kwenze, njejane! Kwenze, mfowethu! Kwenze, mfowethu!

Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

157 Anijabuli ngaYe na? Thanini "Amen!" [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Wonke lowo oMthandayo, akathi, "Ayibongwe iNkosi." ["Ayibongwe iNkosi!"] Wonke lowo okholwayo ukuthi uya kulowoMuzi onezinhlangothi ezine, phakamisa isandla sakho. (Bambani, umzuzu nje, neculo lenu.)

Ngiqonde kulowoMuzi omuhle, (Kuhamba kanjani lokho manje na?)
INkosi ewulungisele abaYo uqobo;
Lapho bonke abahlengiwe beminyaka yonke
Behlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
Ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
Nenkazimulo engiyoyibuka lapho:
Kuzoba yinjabulo enkulu, lapho sengimbona uMsindisi wami,
KulowoMuzi omuhle wegolide.

Anikuthandi lokho na?

Ngiqonde kulowoMuzi omuhle,
INkosi yami ewulungisele abaYo uQobo;
Lapho bonke abahlengiwe beminyaka yonke
Bezohlabelela "Udumo" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe;
O, ngezinye izikhathi ngilikhumbula kakhulu iZulu,
Nezinjabulo engiyozibuka lapho:
Kuzoba yinjabulo enkulu, lapho sengimbona uMsindisi wami,
KulowoMuzi omuhle wegolide.

NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke:

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Lizokunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka! (O, limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, ningakhohlwa ngeSonto elizayo ekuseni, ligamenxe elesishiyagalolunye. Futhi-ke sizozama, uma iNkosi ithanda, siqede ngesikhathi, ukuba sibe nomkhuleko wabagulayo, ekuseni ngeSonto elizayo ligamenxe elesishiyagalolunye.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi
kangaka! (O, limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi
kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Lalelani lelivesi nje:

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Uma izilingo zikuzungeza,
Vele uphefumule leloGama eliNgcwele
ngomkhuleko. (Lokho kuyokwenza!)

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi
kakngaka! (O, limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi
kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje ngibuyisela inkonzo kumelusi, uMfowethu Neville, ukuba abe namazwi akhe okuvala nanoma yini angahle ayisho.

*INhloso EkasiThupha YokuHambela KukaGabriyeli kuDaniyeli* ZUL61-0730E
(The Sixfold Purpose Of Gabriel's Visit To Daniel)
Uchungechunge LwamaSonto AngamaShumi AyisiKhombisa KaDaniyeli

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoJulayi 30, 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, e-Indiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

